


## *ISIMO SOBUNTWANA* <sup>2</sup>

 Ukuthi sikhothamisa amakhanda ethu kulobubusuku njengebandla, njengeqembu lababizelwe ngaphandle, abantu abakholwayo lapha kulobubusuku, ukufundisa iZwi laKho, ngokwendawo eyiyona yona lisibeka eMzimbeni, ukuthi lapho esingabakhona, futhi lapho esingasebenza khona ngokufanele ndawonye njengamalunga oMzimba kaKristu.

<sup>2</sup> Futhi manje kubiza thina ukuya ngokushesha kuNkulunkulu. Futhi thina bobaba ngamunye ucabanga lokho, ukuba-ke lowo bekunguntombazanyana wethu, izinhliziyu zethu beziyovutha kanjani zilimale phakathi kwethu, futhi besiyobiza amabandla ukuba sibe nomkhuleko masinya. Futhi inhliziyu yomunye ubaba iyavutha, ibuhlungu. Nkosi, sengathi lowoMuntu omkhulu kaMoya oNgcwele angeza khona manje nje kuleyohliziyu kababa. Susa lonke ithunzi lokungabaza, nabo bonke ubuhlungu, futhi umenze azi ukuthi Wena unguNkulunkulu futhi akukho sifo esingama eBukhoneni baKho lapho umyalo waKho waPhezulu ubuphethwe yibandla laKho nabantu baKho.

<sup>3</sup> Futhi njengokuba lonke iviki, thina sikhuleka, kusukela ngeSonto eledlule ngicabange ngalezizindlela kumbe lamasa omkhuleko. Asinaso isikhali esikhulu kangako ngokokubuka kwezwe, kodwa lendwayimane encane iyabulala uma ibanjwe yiminwe yokukholwa. O Nkosi, sengathi imikhuleko yethu ingafinyelela ekhaya, ukuthi ukufa ngaleya okulengela phezu kwalowomntwana, futhi sengathi kungachithwa; ubumnyama, budangale busuke ngasembhedeni waleyongane esancelayo, leyongane kumbe umntwana, intombazanyana. Futhi sengathi ukuKhanya okukhulu koBukhona bukaNkulunkulu bungakhanya phezu kwakho. Sengathi kungaphuma kulesosibhedlela, kungumntwana ophilile.

<sup>4</sup> Nkulunkulu, siyazi ukuthi ngaphesheya nje komfula abathandekayo bethu bayalinda, futhi kuyinkazimulo. Kodwa siyabathanda abantwana bethu. Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi ngenxa yenkazimulo yaKho, ukuthi Uzoyisindisa impilo yalowomntwana. Thina, njengebandla laKho, siyakukhuza lokho kufa, futhi sithi, “Yima unganyakazi ngaleya. Ungeke umthathe lowomntwana, ngoba ukuphila kwakho sikufunela umbuso kaNkulunkulu.” Siphe lezizinto, Nkosi, ukuba ziye ngqo kumaka lapho siziqondisa, eGameni likaJesu Kristu, uMsindisi wethu. Amen.

<sup>5</sup> Ngabe siyakholwa na? Angazi ukuthi ngangiyokwenzenjani ukuba ngangingesuye umKristu. Impela ngangingefune ukuhlala isikhathi eside. Ayikho into engingayiphilela, kuphela

ukuthola abanye basindiswe, yikhona okungcono ukwedlula konke engikwaziyo.

<sup>6</sup> Manje, kulobubusuku sifuna nje ukuba ke sithi ukuqala kancane ukubuyekeza isifundo sethu sangaphambili. Futhi ngizozama ukufunda, ngoba, sonke isahluko, uma ngingahle ngikwazi kulobubusuku. Ngakho ngeSonto ekuseni ngizodingeka mhlawumbe ngiqhube ngiyifake amaSonto amabili ekuseni nasebusuku, uma lokho konke kulungile, ukuzama ukungena kulesisizinda salokhu engifuna ukuba ibandla likubone. O, kuhle kakhulu ukuthola indawo yakho! Futhi akukho-muntu ongenza noma yini ngaphandle uma wazi kahle ukuthi wenzani.

<sup>7</sup> Ukuba-ke ubuzo... zohlinzwa, futhi bekukhona udokotela osemncane obesandakuphuma esikoleni obezo... engakaze ahlinze phambilini. Nokho, obesemncane futhi ebukeya, nezinwele zakhe bezikanywe zaqonda ngqo, futhi obegqoke kahle ngempela, ngobunono, nakho konke. Futhi wathi, “Sengiyilolile imimese, futhi sengiwahlanze ngokuwabilisa onke amathuluzi nezinto.” Kodwa ubuyoba nokuthinteka okuncane okuyinqaba mayelana nalokho. Ngingaqoka ukuba nodokotela omdala eseke wedlula kulokho kuhlinza izikhathi ezingi ngaphambili, ngaphambi kokuba ngifune ukusikwa. Ngi-ngifuna ukwazi umuntu ongave nje esandakuphuma esikoleni, ngifuna umuntu osenolwazi oluthile.

<sup>8</sup> Futhi Okunguyena osenolwazi olukhulu ukwedlula bonke engimaziyo, engimbizayo namuhla ebusuku, nguMoya oNgwele. UyiNyanga kaNkulunkulu enkulu noMfundisi omkhulu.

<sup>9</sup> Futhi ekubuyekezeni uMlayezo wami namuhla ebusuku, osalokhu usukela entshumayelweni yangeSonto, ukuthi kuyi... Balahla uSamuweli neZwi leNkosi; bemukela uSawule, indodana kaKishi; futhi balahla uSamuweli, owayemele uMoya oNgwele, ngoba wakhuluma kuphela njengalokhu uMoya wamhola ukuba akhulume. Futhi lapho ebayala ukuba bake bakubhekisise, wathi, “Khumbulani, angikaze ngisho lutho kini eGameni leNkosi kuphela lokho iNkosi ekufezileyo. Futhi angikaze ngihambe ngokuziphatha kabi phambi kwenu. Futhi akekho ongangethwea isono.”

NjengoJesu wathi, “Ngubani ongaNgilahla ngesono na?” Niyabona na?

<sup>10</sup> Wayesethi futhi, ukuthi, “Angizanga kini nganicela imali nokunjalo. Angithathanga lutho kini. Kodwa konke engikushilo bekungokokunisiza, engikulethe kini kuvela emlonyeni weNkosi.”

<sup>11</sup> Futhi bonke abantu banikeza ubufakazi, “Yiqiniso lelo. Konke lokho yiqiniso, kodwa silokhu sisafuna ukuba nenkosi. Sifuna ukuba njengomhlaba wonke.”

<sup>12</sup> Manje, kulobubusuku, umBhalo wethu wehlukhanisa iNcwadi yabase Efesu, yiNcwadi kaJoshuwa weTestamente eliSha. Iyehlukanisa futhi ibeka ngononina a “banqobayo.” Manje, kuyisibuyekezo nje imizuzu embalwa, ukuthola indawo ngaphambi kokuba siqale ukufunda, siqale ngevesi 3. Manje, siyathola ngeSonto eledlule ebusuku ukuthi i . . . UNkulunkulu eTestamenteni eliDala wayenzele uIsrayeli isethembiso sezwe lokuphumula, ngoba base bephenduke izihambi nemizulane. Futhi babesezweni elalingesilona elabo, futhi uNkulunkulu wayethembisile ngo Abrahamama ukuthi agogobale, inzalo yakhe yayiyogogobala iminyaka engamakhulu amane kubantu bezizwe, futhi iphathwe kabi, kodwa ngesinamandla isandla eyobakhiphela ezweni elihle elalichichima ubisi nezinyosi.

<sup>13</sup> Futhi, manje, lapho isikhathi sesethembiso sesisondele eduze, uNkulunkulu wavusa othize ukuba abalethe kulelozwe. Bangaki ekilasini kulobubusuku ukuthi kwakungubani lowo . . . owaziyo ukuthi kwakungubani lowo na? UMose. Qaphelani, owangempela, umfanekiso wangempela ngempela waLowo wethu owanikwa ukuba asiyise eZweni lesethembiso, uKristu. Manje sinesethembiso, ngoba isethembiso sethu singukuPhumula kokomoya, lapho, esabo sasingukuphumula kokwenyama. Futhi ngakho babeza ezweni ababengathi ngalo, “Yizwe lethu leli, asiseyiyo imizulane sesizinzile, yizwe lethu leli, futhi lapha sinokuphumula. Sizotshala okusanhlamvu kwethu, izivini zethu, futhi sizokudla ezivinini zethu. Bese kuthi uma sedlula, siyokushiya kubantwana bethu.”

<sup>14</sup> O, uma singangena ezweni lakho, imithetho yefa, njengoNawomi noRuthi, uBowazi. Ubuyisa konke lokho. Ukuthi kwakuba kanjani umfowabo kwaIsrayeli, ukuthi ufanele kanjani uku . . . noma yini ayelahlekelwe yiyo ifanele ihlangwe ngumuntu oyisihlobo. O, kuhle kanjani! Bekungathatha amaviki namaviki namaviki namaviki, besingeke sisiyeke lesisahluko, ukuba siye kuso. Singalibophela khona phakathi lapha lonke iBhayibheli, khona kulesisahluko esisodwa.

<sup>15</sup> Futhi, o, ngiyakuthanda nje ukuYifundisisa. Sasivamise ukuYithatha, futhi siyithathe unyaka nengxenye, futhi singalokothi siyiyeke iNcwadi. Sihlale nje naYo ngqo.

<sup>16</sup> Manje, kodwa, kwakuyinto enkulu ngempela ukuthi ifa, ukuthi kwakuba kanjani ifa ezweni ukuthi kwakungekho omunye kepha kungumuntu oyisihlobo esisondele esasingakwazi ukuhlenga lelofa. Manje, ake ngithi ukuphonsa uphawu oluncane lapha engaluthinta ngobunye ebusuku, kinina bomama. Bangaki lapha kokhulekelele abathandekayo benu, abalahlekileyo na? Kulungile. Nakho lapho okhona futhi, niyabona, “Ifa lenu.” Niyabona na?

<sup>17</sup> UPawulu watshela umRoma, wathi, “Kholwa yiNkosi uJesu Kristu, wena nendlu yakho uzakusindiswa.” Uma

unokukholwa okwanele kwakho ngqo ukuba usindiswe, ubenokukholwa okwanele, akunandaba ukuthi lowomfana uphiyazela kanjani, kumbe leyontombazane iphiyazela kanjani, bazosindiswa noma kanjani. UNkulunkulu, ngandlela thize! Uma Ezobalalisa ngomhlane wabo, belele lapho esibhedlela, befa, bazosindiswa. UNkulunkulu wakwethembisa. Ifa! O! “Futhi bayoba lapho,” kwasho uIsaya, “nazozonke izinzalo zabo kanye nabo. Abayikulimaza bangabhuhisi kuyo yonke intaba yaMi engcwele, isho iNkosi.”

<sup>18</sup> O, ngingendawo encane engethemba ukuthi ngingafinyelela kuyo kulobubusuku, yenu. Kuyavutha nje enhliziyweni yami, yalokho kubuyela kulokho.

<sup>19</sup> Kodwa manje, kuqhubekela phambili. Bese-ke nike namqaphela uMose, lowomgili-zimanga omkhulu owehlisela uIsrayeli ezansi wadabula izwe, futhi wabakhuphulela ezweni lesethembiso, kodwa akazange abeke ifa labo kubo? Akazange abanike ifa labo; wabaholela enhla ezweni, kodwa uJoshuwa walehlukanisela abantu izwe. Ngabe kunjalo na? Futhi uKristu wakhuphulela ibandla endaweni lapho benzelwa khona isikhundla sabo, sanikwa bona, sekungukuba kuwelwe iJordani nje, kodwa uMoya oNgcwele nguYe Ohlela kahle ibandla. UJoshuwa wanamuhla ubeka ibandla ohlelweni lalo, enika ngamunye, iziphiwo, izindawo, isikhundla. Futhi UyiPhimbo likaNkulunkulu likhuluma ngomuntu ongaphakathi uKristu amsindisileyo, uMoya oNgcwele. Manje niyakuthola lokho okuningi kwakho na? Manje siwelela eNcwadini yabase Efesu. Manje, indlela efanayo, Ubeka ibandla ngokwendawo eyiyona yona lapho bengabakhona. Manje, uJoshuwa wababeka ezweni lemvelo. Manje uMoya oNgcwele ubeka ibandla, ngokwendawo eyiyona yona, ezweni, ukuthi bona, endaweni engeyabo, ifa labo.

<sup>20</sup> Manje, into yokuqala uqala lapha, wethula incwadi yakhe, “UPawulu.” Okungukuthi, sizothola emva kwesikhashana ukuthi yonke lemfihlakalo yembulwa kuye, hhayi ekholiji, hhayi nganoma yisiphi isazi sesayense ngoNkulunkulu, kodwa kwakuyisambulo sangokukaNkulunkulu sikaMoya oNgcwele uNkulunkulu asinikeza uPawulu. Azi ukuthi imfihlakalo kaNkulunkulu, wathi, ibiyilokhu ifihlakele selokhu kwasekelwa umhlaba, yembuliwe kuye ngoMoya oNgcwele. NoMoya oNgcwele phakathi kwabantu wawubeka ngamunye ngokuhleleka, ubeka ibandla endaweni.

<sup>21</sup> Manje, into yokuqala uPawulu uqala lapha ukutshela abantu, kungukuthola konke uku. . . Khumbulani, lokhu kukulo ibandla, akusikho okowangaphandle. Kuyimpicabadala kuye, soze akwazi ukuqonda, yeqa ngaphezu kwekhanda lakhe, akazi ngisho nolunci ngayo. Kodwa, kulo ibandla, kuwujedwaleni, kungukujabula okungakhulumekiyo, kuyisibusiso esiqinisekileyo, kuyihange lomphfumulo, kuyithemba lethu nokuhlala, yiDwala lemiNyaka, o, kuyikho konke

okuhle. Ngakho amazulu nomhlaba kuyodlula, kodwa iZwi likaNkulunkulu alisoze ledlula.

<sup>22</sup> Kodwa umuntu ongaphandle kwaseKhanani akazi lutho ngakho, usayilokhu ezulazula. Akusikho ukusho ukuthi ungumuntu ongalungile, angikusho lokho. Angisho ukuthi ngisho nomuntu oseGibhithe ungumuntu ongalungile, kodwa yena, aze awelele kulelifa.

<sup>23</sup> Nefa, lelo, isethembiso esanikwa ibandla asisilo izwe lemvelo, kodwa izwe lokomoya, ngokuba singubupristi obobukhosi, isizwe esingcwele. Bese-ke kulobubupristi obobukhosi, isizwe esingcwele, abantu abazuziweyo, ababizelwe ngaphandle, abakhethiweyo, baqokwa, babekwa eceleni, khona-ke lonke izwe lifile ngaphandle. Futhi siholwa nguMoya. Amadodana namadodakazi kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu; hhayi ngumuntu, kodwa nguMoya.

<sup>24</sup> Konke kusothandweni, yonke into iboshwa ibe yinyanda manje. Lokhu kuzanyiwe ukuba kufundiswe izikhathi eziningi, futhi akungabazeki osiyazi besayense ngoNkulunkulu abakhulu bashaye kukho kaningi ngokujula kunoma bengingenza mina. Kodwa into engifuna ukuzama ukuyiletha kini iyilokhu, ukuthi umuntu okuKristu, enoMoya oNgcwele, ongambekezelela umuntu nxa esephutheni, obekezelayo, enobubele, enokukhuthazela. Umnene, uyazithoba, wethembekile, ugcwaliswe nguMoya, akahlali ekhombisa ukuphika, uhlala njalo engovumayo. Ungumuntu owehlukile.

<sup>25</sup> Akusuye nje umuntu ovele, “Sake saba nakho. Uma simemezile, sasiba nakho, thina maMethodisti. O, ngenkathi simemeza, sasesiseZweni.” Kuhle lokho, kulungile, nami ngiyakukholwa lokho futhi.

<sup>26</sup> Bese kufika abePentekoste bekhuluma ngezilimi, bona, “Babanakho; wonke owakhuluma ngezilimi wayenakho.” Nami ngiyakukholwa lokho, futhi. Kodwa khona kunjalo sithole ukuthi iningi belingakabi naWo, niyabo. Niyabona na? Manje bo . . .

<sup>27</sup> Manje sesiza kulemfihlakalo enkulu efihlakele ebifihliwe selokhu kwasekelwa umhlaba futhi manje seyembulwa ezinsukwini zokugcina kumadodana kaNkulunkulu. Niyakukholwa lokho ukuthi kuliqiniso, ukuthi amadodana kaNkulunkulu ayembulwa na? Ngaphambi kokuba siye ngisho noma yikuphi, ake sivule ngale kumaRoma isahluko 8 umzuzu nje, ake nginifundele okuthize. Sibone uma lokhu kuyilokhu okuqubukayo kulokho engikhuluma ngakho lapha. Manje sizothola amaRoma 8, ivesi 19 le—lesahluko 8 samaRoma.

*Ngokuba ukulangazela . . . okudaliweyo kulindele ukwambulwa kwamadodana kaNkulunkulu.*

<sup>28</sup> Ngokulangazela kokulindela, konke okudaliweyo kulindele ukwambulwa. Niyabona, ukwambulwa! Yini ukwambulwa na? Ngukwenza kwaziwe!

<sup>29</sup> Umhlaba wonke. AbakaMohamede ngaleya, bayakucinga. Macala onke, ndawo zonke, bayakucinga, “Baphi lababantu na?” Sibene. . .Sibenokuvunguza komoya okunamandla, sibenokuduma nombani, sibenamafutha negazi, sibenazo zonke izinhlobo zezinto; kodwa sehlulekile ukuzwa leloZwana elincane elihashazayo elahela umprofethi, owazigubuzela ngengubo waphuma, wathi, “Ngilapha, Nkosi.” Niyabona na?

<sup>30</sup> Manje konke okudaliweyo kuyabubula futhi kulindele ukwambulwa kwamadodana kaNkulunkulu. Manje, uPawulu uzothi kuqala abeke ibandla lapho lingelakhona ngqo. Manje ukuthola isibuyekezo nje, ake sifunde futhi.

*UPawulu, umphostoli kaJesu Kristu ngentando kaNkulunkulu, kubo abangcwele (labo ngaba “ngcwelisiweyo”) abase-Efesu, na. . . abakholwa nguKristu Jesu:*

<sup>31</sup> Manje, ukuze ikilasi lingakukhohlwa, singena kanjani kuKristu na? Ngabe sijoyina ibandla ukuze singene kuKristu na? Ngabe senza amazwi esivumo ukuze singene kuKristu na? Ngabe sicwiliswa emanzini ukuze singene kuKristu na? Singena kanjani kuKristu na? I KwabaseKorinte, isahluko 12, “Ngokuba ngaMoya munye,” munye, igama elikhulu M-o-y-a, okunguMoya oNgcwele, “thina sonke sabhaphathizelwa eZweni lesethembiso.”

<sup>32</sup> KuleliZwe lesethembiso, konke kungokwethu eZweni lesethembiso. Uyakubona, Mfowethu Collins na? Niyabona, konke eZweni lesethembiso! Lapho uIsrayeli ewela leliJordani, engena ezweni lesethembiso, walwa wawisa konke!

<sup>33</sup> Manje khumbulani, kuleliZwe lesethembiso, lokho akusho ukuthi usugomekile ekuguleni, lokho akusho ukuthi usugomekile ezinkathazweni. Kodwa kubika lokhu, (o, lokhu makujule kucwile), kusho lokhu, ukuthi lingelakho! Vele usukume ulithathe! Niyabona na? Ngenkathi. . .

<sup>34</sup> Futhi, khumbulani, indlela kuphela ukuba uIsrayeli aze alahlekelwe ngumuntu, kungenkathi isono singena ekamu. Yileyondelela kuphela esingaze silahlekelwe ngayo ngu—ngukunqoba, kungukuba isono singene ekamu, kukhona okuliphutha ndawo thize. Ngenkathi uAkani eba lesosigaxa naleyongubo yaseBabiloni, isono sasisekamu, nempi yahamba kabi.

<sup>35</sup> Nginike leli—lelibandla kulobubusuku, leliqembu labantu, likahle, likahle esethembisweni sikaNkulunkulu, linoMoya oNgcwele, lihamba eMoyeni, ngiphonsela inselelo noma yisiphi isifo kumbe noma yiluphi usizi, kumbe noma yini ekhona, wonke uJoe Lewis okhona ezweni, nakho konke ukuphika kwakhe

inkolo, nabo bonke abangakholwayo abakhona, ukuletha noma yikuphi ukugula kumbe usizi kulomnyango, futhi bayophuma lapha bephile saka. Yebo, mnumzane. UNkulunkulu wanikeza isethembiso, yisono sokungakholwa kuphela esingasivimba. Manje sizokwehlela kulokho esiyikho lesisono esincane, emva kwesikhashana. Manje.

. . . abakuKristu Jesu:

*Makube-kini umusa, nokuthula, okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu, na...Nkosini uJesu Kristu.*

*Makabongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu, osibusisile ezulwini kuKristu, ku—kuKristu ngezibusiso zonke zokomoya:*

<sup>36</sup> Uma sikuKristu, sinezibusiso zokomoya. Ngaphandle kukaKristu, sinemizwa. KuKristu sinesibusiso esivumayo. Kungesizo izinkolo zokuzenzela, kungesiwo amacebo, kungesikho ukuzicabangela. Kodwa inqobo nje uma nizama ukuba nithi niseZweni lesethembiso, futhi ningekho, izono zenu ziyonifumana. Futhi, into yokuqala uyazi, uyozithola usumbimbi futhi—futhi wonke, njengoba sikubiza ezweni, ukubhixa. Uyothola ukuthi awunakho lokho okhuluma ngakho. Kodwa uma ukuKristu Jesu, Ukwethembise ukuthula kwaseZulwini, izibusiso zaseZulwini, uMoya waseZulwini, konke kungokwakho. UseZweni lesethembiso futhi usefeni ngokugcwele lakho konke. Ameni. Kuhle kangakanani pho! O, ake sifundisise.

*Njengalokho asikhethele. . .*

<sup>37</sup> Manje, naku lapho ibandla elikhubeka khona kabi kabi.

*Njengalokho asikhethele kuye. . . (KuBani na?) UKristu!*

<sup>38</sup> Siyathola manje, emuva ku—kuGenesisi naseZambulweni, iZambulo 17:8, ukuthi Wasikhethele kuKristu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Manje, igama...Ake ngifunde lililandelayo.

*. . .sekelwa kwezwe, ukuba sibe-ngcwele singabi nakusolwa phambi kwakhe:*

*Wasimisela ngaphambili. . .*

<sup>39</sup> Manje ngifuna ukuma kulelogama loku “miselwe ngaphambili.” Manje, *miselwe ngaphambili* akusikho ukuthi, “Ngizokhethe uMfowethu Neville, futhi a—a—a—angeke ngimkhethe uMfowethu Beeler.” Akusikho lokho. Kungukwazi ngaphambili kukaNkulunkulu okwakwazi ukuthi ngubani oyolunga nokuthi ngubani owayengalungile. Ngakho, ngokwazi ngaphambili, uNkulunkulu azi ukuthi Wayezokwenzani, Wamisela ngaphambili ngokwazi kwaKhe ngaphambili ukwenza zonke izinto zisebenze ndawonye kube kuhle kubo

abamthandayo uNkulunkulu, ukuze athi Yena, onyakeni ozofika, abizele zonke izinto ndawonye koYedwa, onguKristu Jesu.

<sup>40</sup> Ake nginidwebele umfanekiso omncane lapha. Kuhle. Sibuyela emuva, ngiyakholwa ngikhulumile ngakho kancanyana ngobunye ubusuku, kumbe sakushaya, kuGenesisi, isahluko 1, 1:26, ngenkathi uNkulunkulu ebiza iGama laKhe, “Nkosi Nkulunkulu,” lisegameni lika El, Elah, Elohim, okuchaza “Okhona ngokwamandla akhe.” Kwakungekho lutho olunye olwalukhona kepha nguYe. Kwakungekho-moya, kwakungekho-kukhanya, kwakungekho-zinkanyezi, kwakungekho-zwe, kwakungekho lutho olunye. KwakunguNkulunkulu, uNkulunkulu yedwa qhwaba, uEl, Elah, Elohim. Manje, Wenza lokho.

<sup>41</sup> Ngaphakathi kwalokho kwakuyizingxeny e ezazichaza ukuthi Wayeyi . . . Ngaphakathi kwalo El, Elah, Elohim omkhulu kwakuyingxeny kumbe i . . . Niyazi ukuthi *ingxeny* yini, noma angikusho kanje, kwakuyi “mvelo.” Ukuze nomfo omncane akuthole, futhi ngingomunye wabafo abancane ofanele akuthole ngaleyondlela. Ngaphakathi kwaKhe kwakuyimvelo ukuba ngubaba, kodwa Ukhona ngokwamandla akhe, akukho lutho lwaKhe angaba nguBaba ngalo. Futhi, manje, phansi ngaphakathi kwalokho kwakukhona okunye, ukuthi WayenguNkulunkulu; futhi unkulunkulu yinto ekhonzwayo; kodwa Wayengokhona ngokwamandla akhe, uEl, Elah, Elah, Elohim, ngakho kwakungekho lutho oluzoMkhonza. Ngaphakathi kwalokho, WayenguMsindisi, futhi kwakungekho lutho olwalulahlekile ukuba lusindiswe. Niyabona na? Ngaphakathi kwalokho, WayenguMphulukisi, niyabo, kodwa kwakungekho lutho olugulayo ukuba luphulukiswe, kumbe kungekho lutho olokuba lugule. Manje niyasithola isithombe na? Ngakho izingxeny zaKhe, imvelo yaKhe yaveza eyikho namhlanje.

<sup>42</sup> Abanye abantu bathi, “Pho, wayengakumisi ngani uNkulunkulu ekuqaleni na?” “Uyisilwane esinenhliziyo enonya,” kwasho uJoe Lewis, lowo owasola uJoe, kumbe uJack Coe, niyabo. Wathi, “Uyisilwane esinenhliziyo enonya nje. Ayikho into okuthiwa uNkulunkulu. Ukuba yayikhona into enjalo, Wayeyoba yi . . .” O, ngi . . . waMbiza ngayo yonke nje inhlobo yamagama, niyabo. Kodwa kungoba nje hleze wayenenqwaba yolwazi oluphezulu *lapha*, kodwa akanalutho phansi *lapha*.

<sup>43</sup> Manje, lokho, kulapho-ke lapho okukhona. Niyabona na? LeliZwi likusho lapha, futhi Ukufihlile. Futhi lezizimfihlakalo ibifihliwe manje, khumbulani, iBhayibheli lathi, “Selokhu kwasekelwa umhlaba, zilindele ukwambulwa kwamadodana kaNkulunkulu,” ukuziveza obala ebandleni. O, he! Niyakuthola na?



44 Manje ngiyama endabeni yami kancanyana nje, kumbe ngizolethe...Ngizoya emcabangweni wami olandelayo ngize ngithole lokhu. Manje khumbulani, kuyoyonke iminyaka kaMose, emuva ngeminyaka yabaprofethi, emuva kuyoyonke iminyaka, balindile kwaze kwaba yilezizinsuku zokuphela ukuba lezizinto zivezwe obala, ngokomBhalo. Kunjalo, ukuba kwembulwe emadodaneni kaNkulunkulu. Ngani na? Kusukela kwabalahlekileyo...kuze kube njengesivivane, njengoba ngishilo, sakhiwa sisondesondela, sisondesondela, sisondesondela.

45 Njengoba bengihlale ngenza lokhu ukuphawula, futhi ngathi, uNkulunkulu wenza amaBhayibheli amathathu. Elokuqala, WaLibeka esibhakabhakeni, umgamu wezulu eliphezulu. Senake nawubona umgamu wezulu eliphezulu na? Yini umfanekiso wokuqala emgamweni wezulu eliphezulu na? Intombi. Yini umfanekiso wokugcina emgamweni wezulu eliphezulu na? Imbube ingonyama. Ufika okokuqala entombini, Ufika okwesibili njengeNkonyama yesizwe sakwaJuda. Niyabona na?

46 Wenza elilandelayo esivivaneni, emuva ezinsukwini zika Enoke, ngenkathi benza isivivane. Futhi bayazilinganisa. Angisiqondi. Kodwa ezimpini, laphe bekhothama khona futhi bahambe ngamadolo abo isikhathi eside, futhi bangalinganisa ibanga lezempi. Niyazi ukuthi balinganisa kuphi manje na? Ngokuqonda ngaphesheya kwekamelo lenkosi. Futhi laphe lesisivivane senyuka...Sasingeke sikwazi ukusakha, ngakho konke esinakho namuhla. Sasingeke sikwazi ukusakha.

47 Sakhiwe saqonda saphakama ka *nje*, kuya esihlokweni. Futhi itshe phezu...Itshe lokuvala phezu alizange litholakale. Abazange babeke isivalo phezu kwesivivane. Angazi noma niyakwazi noma qha, isivivane esikhulu saseGibhithe, asizange sibe netshe laphezulu kuso. Ngani na? Itshe lokuvala phezu lenqatshwa, uKristu, itshe eliyiNhloko, niyabo, lenqatshwa.

48 Kepha njengoba thina sikhula sisuka onyakeni wamaLuthela, unyaka wamaBaptisti, unyaka wamaMethodisti, unyaka wamaPentekoste, sesiphezulu ngqo eTsheni elivala phezu manje, niyabo, silindile futhi silangazelele leloTshe elivala phezu ukuba lihlaliswe, indlu isiphelile. Anifundanga yini emBhalweni, "Itshe lenqatshwa"? Kusobala, siyaqonda lokho kwakukhuluma kwithempeli likaSolomoni. "Kepha iTshe elenqatshwa selibe yiNhloko yegumbi." Futhi ngisho lokhu kuphela ukunenzela i—i—i—isithombe.

49 Manje, futhi eBhayibhelini, siphila osukwini lokugcina, isiqongo sesivivane, izinhlanzi eziphambene zonyaka womdlavuzi kumgamu wezulu eliphezulu, esikhathini sokufika kwembube iNkonyama, etsheni elivalayo, nasezinsukwini zokwambulwa kwamadodana kaNkulunkulu, eBhayibhelini,

niyabo. Niyabona ukuthi sikuphi na? Sisesikhathini sokuphela impela.

<sup>50</sup> Bangaki akade befunda iphepha kuleliviki, ukuthi uKrushchev nabanye batheni na? O, bami ngomumo; kanjalo nathi. Amen. Simi ngomumo! Kulungile, niyabo. O, engaka—engaka—engaka inhlanhla, usuku olunje! Ukuba nje amaKristu abeluyondile usuku esiphila kulo. Wo!

<sup>51</sup> Ucabangani? Umbhali waleNcwadi, olubonileyo, futhi obonile ukuthi luyobonakaliswa kuphi ezinsukwini zokugcina, elindile futhi ebubulela lawomadodana kaNkulunkulu ukuba asukume ezinsukwini zokugcina, namandla kaMoya oNgcwele ekupheleni konyaka, ukwembula izinto eziyimfihlo kusukela ekusekelweni kwezwe, ukukukhuphula.

<sup>52</sup> Manje ake sibuyele singene “ekusekelweni kwezwe” futhi, ukuthola isambulo, ukubona ukuthi siqinisile noma qha. Ngethemba ukuthi angizenzi ongcolisisa okungcwele ngokubiza uNkulunkulu ngo, “Babayi,” kodwa ngifuna ukukusho ngaleyondlela ukuze nikuqonde. UBabayi! UBabayi wayefuna abantwana, ngakho Wenzani na? Wathi, “Makubekhona iziNgelosi.” Futhi zifika ziMzungeze. O, lokho kuhle. ZaMkhonza, lapho-ke Waba nguNkulunkulu, izingxenye. Khumbulani, Wayengu El (E-1), Elah, Elohim, okhona ngokwamandla akhe, kungekho lutho nguYe kuphela. Into efika kuqala izungeze kwaba yiziNgelosi. Kwase-ke, iziNgelosi akukho okunye ezazikwenza ngaphezu kokukhonza. Zazingenakulahleka. Ngakho, zazingenakugula, zaziyizidalwa ezingafiyo. Ngakho, Wayengenakuwabonakalisa amandla aKhe okuphulukisa, Wayengenakuyibonakalisa insindiso yaKhe. Ngakho ngaleyonkathi, ngaphambili, manje maku . . .

<sup>53</sup> Kwathi-ke emva kwalokho, Wathi, “Sizokwenza into ephathekayo.” Ngakho Wenza umhlaba. Futhi ngenkathi Enza umhlaba, Wenza zonke izidalwa zomhlaba, Wabe-ke esenza umuntu. Konke okukhuphuka kuvela emhlabeni; kuqala ngo—ngonoshobishobi kumbe itheketheke, isimo nje senyama esintanta emanzini, kwaqala lapho, uku . . . kusukela kulokho kuya exoxweni, okuluhlobo lokuphila oluphansi kunalo lonke esingaluthola, basho njalo, yixoxo. Uhlobo oluphakeme kunakho konke ngumuntu. Ukusuka exoxweni kwaqala kwaya esibankweni, ukusuka esibankweni kuqhubeke njalo kuqhubeke njalo, futhi ngaso sonke isikhathi uMoya oNgcwele waqala ukuthi “whuuush,” uphefumula, ukuphila kuyafika futhi; “whuuush,” ukuphila okuthe xaxa. Futhi into yokuqala, okuthile kukhuphukela emfanekisweni kaNkulunkulu, lowo kwakungumuntu. Akukho osekuke kwabakhona, akuzange kubekhona, akuzoze kwabuye kudalwe futhi, noma yini ngaphezu komuntu, ngoba umuntu usemfanekisweni kaNkulunkulu. Niyabona na? Bese umuntu . . .

<sup>54</sup> Ngenkathi Enza umuntu waKhe wokuqala. Manje, ngenkathi Enza izidalwa zaKhe eziyiNigelosi... Wenza umuntu, “Wabadala owesilisa nowesifazane,” bonke bekokukodwa okufanayo. Wayeyikho kokubili owesilisa nowesifazane, ubulisa nobufazane. Ngenkathi Enza uAdamu futhi wamfaka enyameni... khumbulani kuGenesisi 1, Wenza owesilisa nowesifazane. Futhi kuGenesisi 2, wayengakabikho umuntu wokulima umhlabathi, umuntu oyinyama. Kungekho muntu owayengabamba utho futhi alime umhlabathi, kodwa nokho wayekhona umuntu ongumfanekiso waKhe. “Futhi uNkulunkulu ungu...” [Ibandla lithi, “Moya”—Umhl.] Kunjalo. Niyabona na? Wenza umuntu wokuqala, “owesilisa nowesifazane Wabadala.” Manje, ngenkathi Enza umuntu wokuqala!

<sup>55</sup> Manje, khumbulani, ngakho konke Wayenakho emqondweni waKhe. Futhi ngeSonto ebusuku ngedlulile kulokho. I—izwi lingumcabango ophimiselwe. UNkulunkulu wacabanga ukuthi Wayeyoba kanjani nguNkulunkulu, ukuthi Wayeyokhonzwa kanjani, ukuthi Wayezoba kanjani nguMphulukisi, ukuthi Wayezoba kanjani nguMsindisi; futhi Wathi nje angakhuluma iZwi, laliba ngukuphela ingunaphakade. O, uma lamadodana kaNkulunkulu manje engahle kuphela abambe leloZwi kunjalo. Uma uNkulunkulu ekhuluma iZwi, kuphelile! Ngoqobo! Angahle ukuba walinda... Ihlelo lezikhathi zokwenzeka kwezinto emilandweni lisho lokho, kumbe umphenyi wezinto zasendulo nabo bonke, basho ukuba mhlawumbe izwe laliyizigidi nezigidi nesigidi. Angazi, lingahle ukuba libe yizigidigidikazi ezinamaqanda ayisishiyagalombili nezigidigidikazi ezinamaqanda ayisishiyagalombili zeminyaka. Angazi ukuthi labakade kangakanani. UNkulunkulu akaphili ngesikhathi. Akanawo umzuzu owodwa owephukile wesikhathi kunoma Enza ngenkathi Ekukhuluma. Usenguye uNkulunkulu. Akukho sikhathi kuYe.

<sup>56</sup> Angizange ngikwazi lokho kunjalo kwaze kwaba ngobunye ubusuku, ngokunye ukusa, njalo. Iphakade, alikho izolo, alikho ikusasa, konke kuyimanje. Senake naliqaphela igama “NGIKHONA”? Akusuye u “Ngangikhona” kumbe “Ngiyobakhona.” YiPhakade, “NGIKHONA!” Niyabo, “NGIKHONA,” njalo!

<sup>57</sup> Manje, kodwa Wayefuna ukubeka izinto esikhathini. Wafanele enze okuzokhonza, ngakho izingxenye zaKhe zakuveza lokhu. Wase-ke Enza umuntu. Kwase kuthi-ke, kulomuntu, wayebukeka enesizungu. Ngakho, manje, ukukhombisa manje umqondo waKhe omkhulu, Ayenakho esithombeni kukaKristu neBandla, Akathathanga isihlephu eshlukile sobumba wase enza owesifazane, kodwa Wathatha ohlangothini lukaAdamu, ubambo; wase ethatha emoyeni kaAdamu, okobufazane, wase ekufaka kulolubambo. Nxa

ubona indoda eziphathisa okwesitabane, kukhona okuliphutha. Futhi nxa ubona owesifazane ofuna ukuziphathisa okwendoda, kukhona okuliphutha. Niyabo, kukhona okuliphutha. Bayimimoya emibili eyehlukene, phaqa. Kodwa, ndawonye, benza ubunye obubodwa, “laba bobabili bamunye.” Ngakho Wenza owesifazane nowesilisa, futhi babengezukunguga, bengafi, bengabi-mpunga, nhlobo. Bayadla, babephuza, babelala, njengoba senza nje, kodwa babengazi nhlobo ukuthi isono sasiyini.

<sup>58</sup> Manje ngizokwedlula khona lapha nje ngiye kwesinye isifundo ngesinye isikhathi, enzalweni yenyoka. Okungukuthi, bangicele ukuba ngikuphinde lokho. Kodwa ake ngibone umuntu mumbе efika futhi angikhombise okuthize okwehlukile. Yilokho engifuna ukukwazi, niyabo.

<sup>59</sup> Manje, kepha-ke emva kwakho konke lokhu, kwathi-ke lapho kungena isono, kwenzekani na?

<sup>60</sup> Le phezulu ngaleya, ngaphezulu, isigidi, amamayela ayikhulu lesigidi, kukhona indawo enkulu *kangako*, futhi lolu luthando oluphelele i agapao [Uthando lokuthanda uNkulunkulu—Umhu.] Njalo uma wenza isinyathelo ngalendlela, luncipha ngeyintshi. Futhi uyazi ukuthi lungaba luncane kangakanani lapho lufinyelela emhlabeni. Luyithunzi lethunzi lamathunzi. Yilokho onakho, yilokho enginakho, ithunzi lethunzi lamathunzi othando i agapao.

<sup>61</sup> Kukhona okuphakathi kuwe, kukhona okuthize kuwowonke owesifazane phakathi lapha osedlule emashumini amabili, kukhona okuthize kuwowonke owesilisa phakathi lapha osedlule emashumini amabili, obengalangazela ukuhlala. Uneminyaka emihlanu kuphela, lokho kusukela eshumini nesihlanu kuya emashumini amabili. Emva kwamashumi amabili uqala ukufa, Kodwa, kusukela eshumini nesihlanu, usuke nje ungumntwana osethombile kuze kufike leyonkathi. Bese-ke ukhula uvuthwe uze ube namashumi amabili. Futhi emva kwamashumi amabili, o, uthi, “Ngiseyindoda impela.” Uyakusho nje lokho, kodwa awusiyo. Uyafa futhi uya ulokhu ufa, akunandaba ukuthi wenzani. UNkulunkulu wakwenza uze ufinyelele kulobo budala, kodwa-ke uzofa. Manje kwenzekani na? Manje uqala ukufa, kodwa phakathi lapho kukhona okuphakathi kuwe okuthi, “Ngifuna ukuba neshumi nesishiyagalombili futhi.”

<sup>62</sup> Manje ngifuna ukunibuza okuthize. Ukuba-ke wazalwa emakhulwini amahlanu eminyaka eyedlula, futhi wahlala uyilokhu uneshumi nesishiyagalombili leminyaka ubudala kuze kube namuhla na? Ukuba ubungezukupha suye owasendulo, nemicabango yakho yeminyaka engamakhulu amahlanu eyedlule! Ngaphambi kokuba obaba abayizihambi baze bawelele nganeno lapha, futhi wawuyintombi esencane

nalolohlobo lomcabango. Ngani, ubuyoba ngcono ukuba nje uhambe waqhubeka futhi wabamdala futhi waphila amakhulu amahlanu eminyaka. Niyabo, kukhona okuliphutha.

<sup>63</sup> Wena uthi, “Yebo, njengamanje ngizizwa ngikahle impela, Mfowethu Branham. O, ngi—ngi—ngineshumi nesishiyagalombili, ngineshumi nesithupha, ngizizwa ngikahle.” S’thandwa, ake ngikutshele okuthize. Wazi kanjani ukuthi unyoko ungophilayo kulomzuzu, uma engekho kulendlu yokukhonzela na? Wazi kanjani ukuthi umfana wakho othandana naye akabulawanga emizuzwini embalwa nje eyedlule, kumbe intombazane yakho othandana nayo na? Wazi kanjani ukuthi ekuseni ungeke ube yisidumbu endlini yakho na? Wazi kanjani ukuthi uzophuma endlini yokukhonzela namuhla ebusuku, uphila na? Kuyinto ngempela engaqondakali kahle. Akukho lutho oluqondakalayo. Uma uneshumi nanhlanu, ishumi nambili, ishumi nesishiyagalolunye, amashumi ayisikhombisa nanhlanu, kumbe amashumi ayisishiyagalolunye, khona...yonke unto ayiqondakali kahle. Awazi ukuthi umi kuphi. Kodwa nokho uyalangazelela ukubuyela emuva eshumi nanhlanu, ishumi nesishiyagalombili. Yini eyenza wenze lokho na?

<sup>64</sup> Manje, uma ubuyela eshumini nesishiyagalombili futhi uhlale ulapho, futhi ungalokothi ugule futhi ungalokothi u...ubungaba nabanye abantu abakanye nawe, ngoba ubuyokhula ukwedlule, uyabo. Abantu bebeyoqhubekela phambili kweminye iminyaka futhi ubuyoba ngowasendulo. Ubuyoba mubi kakhulu kunoma bekuyobanjalo ukuba wawugage kanye nabo. Kodwa kukhona okukubizela ukuba ubelapho. Lokho yileyo agapao ecane oluncane, lelothunzi elincane elikwenza... Okuthize okungaphezu kwalapha.

<sup>65</sup> Manje, ngobunye ubusuku, kumbe ngokunye ukusa, ngelesikhombisa nqo, ngenkathi uMoya oNgcwele, ngobubele baKhe nomusa waKhe, wangithatha ngisuka kulomzimba, ngiyakholwa, ngiyakholwa. Yebo noma qha, angisho, futhi ngangena kulelozwe futhi ngabona labobantu, futhi bonke babebasha. Futhi ngibone abantu abahle kunabo bonke esengake ngababona empilweni yami. Futhi Wathi kimi, “Abanye babo babenamashumi ayisishiyagalolunye eminyaka ubudala. Bangabaphendulwa nguwe. Akumangalisi bedazuluka, ‘Mfowethu! Mfowethu!’”

<sup>66</sup> Manje, lowo ngumzimba wasezulwini, ukuthi nxa sifa asibi yinsumansumane, siba ngumzimba. Uma besingathi, sonke, sife, uma ibhomu le athomu lingasiqhumisa ngalomzuzu, emizuzwini emihlanu kusukela manje singabe sixhawulana futhi sigonana, futhi sidazuluka futhi siqhubeka, futhi sidumisa uNkulunkulu! Yebo, mnumzane. Futhi uMfowethu noDadewethu Spencer behlezi lapha, ngiqagele abanye abadala abayizithandani kunabo bonke phakathi lapha, bayoba neshumi

nesishiyagalombili, amashumi amabili eminyaka ubudala. UMfowethu Neville abengumfana osemncane, futhi mina ngibe ngumfanyana omncane. Futhi sonke besiyoba nje... Lokho impela yileliQiniso. “Uma lelidokodo lasemhlabeni eliyindlu lidilizwa, sinalo eselivele lilindile.”

<sup>67</sup> Uma inganyana ithi qathatha iphuma kunina, njengokuzalwa ngokwemvelo, umzinjana wakho usonteka nemilenze iqhashaqhasha, nokunjalo. Ngiyaxolisa ukusho njalo, nina besifazane abasha. Kodwa, nxa kwenzenjalo, kunemisipha ephilayo edlukuzekayo. Kodwa uma kufika emhlabeni, into yokuqala, kudonsa umoya wakho, futhi kukhona umzimba wokomoya wemvelo ozongena kuleyongane ngayo leyonkathi. Kuyeke nje, kuyothatha ikhanjana kugxile ebeleni likanina bese kuqala ukuncela. Uma kungakwenzanga lokho, ubisi lungeke luze lwehle.

<sup>68</sup> Senake navyiqaphela inkonyane nxa izalwa, ithi...nje ingathola amandla ngokwanele ukuba izimele ngemilenze yayo? Ubani oyitshelayo na? Ihamba iqonde ngqo izungeza unina, iqale ukugxila izungezungeza bese iqala ukuncela. O, yebo!

<sup>69</sup> Ngokuba, ngenkathi lomzimba wasemhlabeni ulethwa lapha, kukhona umzimba wokomoya osuwulungele. Futhi uthi ungathi nje lo...O, haleluya! “Futhi uma lelidokodo lasemhlabeni eliyindlu yethu lidilizwa, likhona elilindile ngaleya.” Sithi nje singaphuma kulo, singena kulowaya; lowo ongafuni manzi abandayo okuphuza, awulidingi ithamo lamanzi; ongadli, ayisiyo eyothuli lomhlabathi. Kodwa ingeyangempela, futhi iyezwa ngokuthinta futhi ixhawulane, futhi uthando nje nakho konke kuphelele. Futhi lowomzimba ulinde ngaleya. Uyingxenyeyawo. Mithathu.

<sup>70</sup> Uqala ukuPhila kwakho kwaPhakade khona lapha e altare. Nakhu lapha oqala khona iPhakade. O! Uqala ukuPhila okuPhakade khona lapha. Khona-ke uzalwa ngokusha, indodana kaNkulunkulu. Bese kuthi-ke nxa ufa, uqala... Uma ukufa kwakho kukushaya kulomzimba nenhliziyo iyeka ukushaya, namasondo anokufa aqale ukuma ngqi, lelothunzana elalilithunzi lethunzi, emzuzwaneni owodwa liba yithunzi lethunzi, bese kuthi okulandelayo liba yithunzi, bese kuthi okulandelayo liba ukumfimfa okuncane, bese kuthi okulandelayo liba ngumfudlana, bese kuthi okulandelayo liba wumfula, futhi okulandelayo liba wulwandlekazi, futhi emva kwesikhashana usumi phambi kwabakho abathandekayo bemi ngaleya, begqoke izingubo zomzimba wasezulwini, ukuthi niyazana, niyathandana, seniphenduke nabuyela ekubeni yinsizwa nowesifazane omusha futhi. Kunjalo impela. Ulinda lapho kuze kube sekubuyeni kweNkosi uJesu. Futhi langalimbe lowomzimba okhazimulisiweyo wokwaKhe... Manje khumbulani, lowo ngumzimba wasezulwini, akusiwo

okhazimulisiweyo, umzimba wasezulwini. Futhi langalimbe lowomzimba wasezulwini uyosuka eZulwini ukanye noJesu.

<sup>71</sup> “Ngokuba ngisho lokhu kini,” KwabaseThesalonika besiBili, isahluko 5, kumbe KwabaseThesalonika bokuQala, isahluko 5, enye kulezo, “Ngithi kini, angithandi bazalwane, ukuba ningabi-nakwazi, ngalabo abaleleyo, ukuze ningadabuki, njengabanye abangenalo ithemba. Ngokuba uma sikholwa ukuthi uKristu wafa wavuka futhi ngosuku lwesithathu, ngokunjalo-ke uNkulunkulu uyakubaletsa labo abaleleyo kuKristu kanye naYe. Ngokuba sisho lokhu kini ngemiyalo yeNkosi, ukuthi thina esisekhona sisasele kuze kube sekufeni kweNkosi, asiyikubandulela kumbe sibavimbele” (igama okuyilona elingcono kakhulu) “sibavimbele labo abaleleyo. Ngokuba icilongo leNkosi liyakukhala, nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala.” Lemizimba yasezulwini iyehla yembathe eyasemhlabeni, imizimba ekhazimulisiweyo. “Futhi thina esisekhona sisasele siyoguqulwa ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, futhi siyakuhlwithwa kanye nabo, sihlangabeze iNkosi emoyeni.”

<sup>72</sup> “Angisayikuphuza isithelo somvini ngiphinde ngidle ngize Ngisidle kabusha nani eMbusweni kaBaba waMi,” iSidlo soMshado. Ngokuba iminyaka emithathu nengxenyane umphikukristu uqeda ukubusa kwakhe, umhlaba wonke jikelele uyabhujiwa, amaJuda abizelwa ngaphandle, uJosefa uyazazisa kwabeZizwe, kumbe kumaJuda. Khumbulani, ngenkathi uJosefa ezazisa kubafowabo, kwakungekho noyedwa oweZizwe owayekhona. Ngenkathi ethumela . . . Niyayazi indaba. UJosefa, umfanekiso ophelele kaKristu, ngandlela zonke. Futhi ngenkathi uJosefa ethumela kubafowabo, futhi behla, futhi wabheka wabona uBenjamini omncane, futhi wababona lapho wase-ke e . . . Bathi, “Ngani, lomfo! Si—sasingafanele ukubulala umfowethu, uJosefa.” AmaJuda ebona ukuthi abe enze iphutha; manje ngenkathi uKristu, ngenkathi Ezazisa qobo lwaKhe kubo. NoJosefa wayegcwele kakhulu, wakhala, cishe, ngakho wamukisa umkakhe nabantwana bakhe, nabobonke abalindi nakho konke okunye, futhi wabathumela esigodlweni. Kunjalo impela. Kwase kuthi-ke phambi kwamaJuda eyedwa, wathi, “NginguJosefa, umfowenu. Ngingumfowenu.” Futhi ngakho-ke bawa futhi baqala ukuthuthumela, bathi, “Manje siyazi sizakukuthola, ngokuba sabulala umfowethu.” Sithe sambulala umfowethu, futhi manje useyilenkosi enkulu.

<sup>73</sup> Wathi, “UNkulunkulu wakwenza ngenhloso, ukulondoloza impilo.” Kungalesosizathu impela esenza ukuba uNkulunkulu akwenze, ukulondoloza thina beZizwe. Kodwa abeZizwe babesesigodlweni. Haleluya! Enqatshwe ngabafowaBo, uJosefa, Wathatha uMlobokazi; noMlobokazi wayengoweZizwe, hhayi umJuda. Kulungile.

<sup>74</sup> Manje, uqondephi manje na? Emva kokuba sesembathe lomzimba wenkazimulo, nonyaka omkhulu ozofika; nxa lomzimba okhazimilisiweyo, lomzimba wasezulwini sewenziwe waba ngumzimba okhazimulisiweyo. Niyakuthola engikushoyo manje na? Khona-ke ngingahamba ngiwele futhi ngithi, “Mfowethu Neville!” Ake ngininikeze umfanekiso omncane. Ngithi, “Mfowethu Humes, ake senyukele kuBabayi namhlanje ekuseni.” UnguNkulunkulu. SiyaMazi manje, UnguMsindisi, UnguMphulukisi.

<sup>75</sup> Akaze ibekhona into ethiwa ngukudalwa kwesono. Lokho akwehlanga kahle, kwehle kahle na? Isono asisikho okudaliweyo. Qhabo, mnumzane! Isono siyimpendukezela. Munye kuphela uMdali, lowo nguNkulunkulu. Isono singukulunga kuphendukezelwe. Yini ukuphinga na? Ukulunga kuphendukezelwe. Yini amanga na? Iqiniso lihlanekelwe. Impela. Yini igama lokuqalekisa na? Kuyizibusiso zikaNkulunkulu ziphendulwe zaba yigama lokuqalekisa, kuNkulunkulu, esikhundleni sesibusiso. Isono asisikho okudaliweyo. Isono siyimpendukezela. Ngakho, uSathane wayengenakusidala isono, kuphela waphendukezela okwase kudalwe nguNkulunkulu. Kunjalo impela. Ukufa kuphela kuyimpendukezela yokuphila.

<sup>76</sup> Manje qaphelani lokhu, qaphelani lokhu. Khona-ke ngizohamba ngenyuke, futhi ngizothi, “Mfowethu Humes, asithi wena nami, noMfowethu Beeler nabanye babazalwane, sizokwenyukela kuBabayi, uNkulunkulu. Futhi, ngithi, sithi ukuthatha uhambo oluncane. Bafana nanizithanda izintaba ngenkathi ni . . .”

“Yebo, impela sasizithanda.”

<sup>77</sup> “O, kukhona ezingamamayela ayizigidi ezimbili zazo le ngaleya kulelozwe elisha. Siqhubeke siphume, sizulazule phezu kwazo.”

<sup>78</sup> “Ngizo...?. . .ilanga usuku ngalunye, likhuphukela phezulu. Ngiyonizwa. Besakhuluma mina ngiyakuzwa.” Isaya 66. Kunjalo.

<sup>79</sup> Futhi niyazi, ngihamba ngiphumele lapho, sonke sihamba siphumele lapho iminyaka nje ecishe ibe ngamakhulu amahlanu, uhambo oluncane nje, isigidi, akwenzi mehluko, niyabo. Futhi manje—manje lokho kuzwakala sengathi yimbude, kodwa kuliqiniso. Niyabo, kuliqiniso, ngoba akukho sikhathi, yiPhakade. Futhi nxa ngiphuma ngiye lapho, ngihamba ngehlele lapho, futhi niyazi ukuthi ngubani engi—engi—engihlangana naye phandle lapho na? Ngithi, “Yebo, uma engekho uDadewethu Georgie Bruce! Ngani, Dadewethu Georgie, sekuyisikhathi eside ngikubonile.” Kubukeka sengathi nje uhlala ekhona. Niyabona na? Angahle abemdala ngeminyaka elishumi lezigidi, kodwa abe eyilokhu esemusha njengoba



wayelokhu enjalo nje. Enwaye othize emhlane, futhi ngibuka lapho, ingulule, ibhubesi.

Ngithi, “Unjani namuhla ekuseni, ngulule?”

<sup>80</sup> “Nyawu,” njengomthinyane. “O, bengisezansi laphaya ngikhuluma nabanye bodadewethu bezungeze lezozimbali ezinkulu ezansi lapho, besisezansi lapho cishe iminyaka engamakhulu amahlanu, niyabo, sizibuka.” Manje, lokho kuzwakala kuyimbude, kodwa kuliqiniso. Kunjalo impela. Yileyonlela uNkulunkulu akuhlose ngayo.

<sup>81</sup> Kuhle, ayibusiswe inhliziyo yakho, Dadewethu Georgie. Akukho ngozi engafika, akukho lutho nhlobo. Ngesikhathi sokuhlwa siyokhuphukela esiqongweni sentaba, futhi sithi, “O Babayi, Nkulunkulu, ngangilahlekile. O, ngake ngaba senkucunkucwini yesono, Babayi, Nkulunkulu, futhi Wangisindisa.”

<sup>82</sup> Ngani, abantu ozame ukuzwakalisa lokho wahlanya. Yebo, leyondoda eyaloba ivesi lokugcina lalolo “*O Thando LukaNkulunkulu*,” okwakulotshwe obondeni lwezinhlanga lwesikole esikhulu, eyazama ukuzwakalisa uthando lukaNkulunkulu. Ukuthi Wazehlisa kanjani ukuze asindise izoni, nokuthi Wakwenza kanjani, uthando lwaKhe olwehlayo ukuba lusindise wena nami. Ukhuluma ngokukhonza, iziNgelosi azazi lutho ngakho! Ukukhonza, iNgelosi kuphela ekwaziyo . . . Ima lapho bese ibhakuzisa amaphiko ayo aye emuva naphambili, futhi aphambane, “Haleluya! Haleluya!” Kodwa, o, umusa! Nxa sekufika ekwazini ukuthi ngangilahlekile futhi manje sengitholiwe, ngangifile, sengiyaphila futhi! O Nkulunkulu, ngangiyisono, ngangiyinkucunkucu, futhi ngangiphansi endaweni yokulahla udoti!

<sup>83</sup> Nakhu okuhle kunakho konke ukuphila okungakupha khona. Senake naya ezansi lapha endaweni yokulahla udoti iColgate na? Kuyindawo enuka kunayo yonke esengake ngaba kuyo. Leyontuthu endala ingenza ngigule nje ukuyinuka. Ngilele ezansi lapho kuyo yonke leyontuthu endala, ugula kakhulu isisu sakho, sivele siphenduke, emva kokuthatha ukhatha oyela. Niyabo, ugula lokhu okuxakile! Namagundwane egijima konke phezu kwakho, ezama ukudlela phezu kwakho. Futhi lokho ngokuhle kunakho konke empilweni. Bese kuthi-ke umuntu mumbhe ehle akucoshe akukhuphule. Futhi usuguge ngempela futhi ungasakwazi ukuzisiza. Futhi avele akucoshe nje abese ekuphendula ube ngumfana oneshumi nesishiyagalombili leminyaka ubudala, akubeke phezulu esiqongweni sentaba, yona impela impilo yobusha, wo, okuhle ukuphefumula komoya omuhle kanjalo, elimnandi ithamo lamanzi aqandayo. Ungake ufune ukubuyela kuleyondawo yokulahla udoti futhi na? Neze, neze neze, neze uye kuleyondawo yokulahla udoti futhi.

<sup>84</sup> Manje, kuchaza lokho, bangane. Uyilokho lowombono, kumbe ukuguqulwa, noma kuyini, umbono. Ngizothi umbono, ngoba ngiyesaba lokho kungalimaza umuntu othize ukusho ukuthi ukuguqulwa, lokho kwakuyilokho. Manje, kulapho la uNkulunkulu...lokho uNkulunkulu akwenzayo ukuletha amadodana namadodakazi kuYe. Manje, ngobani lababantu na? Bakwenza kanjani...Benzani lababantu ukufanela lokhu na? Baze bakwenza kanjani na? UNkulunkulu, ekuqaleni, ngaphambi kokuba kuze kwenziwe iNgelosi...Bangaki kowaziyo ukuthi Ungongenasi-phelo na?

<sup>85</sup> Manje, nina bazalwane bakaziqu-zintathu, angifuni ukunilimaza, kodwa kungaba kanjani eGameni leZwi likaNkulunkulu elilungileyo uke ubeke uJesu engumuntu owehlukene noNkulunkulu qobo lwaKhe na? Uma uJesu engathatha omunye umuntu futhi amenze ahambe futhi afe, ukuhlenga lomuntu lapha, Ubengaba ngumuntu ongalungile. Yinye kuphela indlela uNkulunkulu ayengakwenza ngayo, kwakuyoba ngokuba athathe indawo qobo lwaKhe! Futhi uNkulunkulu waba yinyama ukuze Akwazi ukuzwa izinhlungu zokufa, ukuthatha udosi nokufa kusuke kithi, ukuze sihlengwe ngokwaKhe uQobo. Yingakho Eyokhonzwa kangaka. UJesu wayengumuntu, impela Wayenguye. Wayengumuntu, um-u-n-t-u, wazalwa yintombi uMariya. Kodwa uMoya owawukuYe wawunguNkulunkulu ongenasilinganiso, kuYe kwakuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. WayenguJehova-uyozibonela, WayenguJehova-rafa, WayenguJehova-uyakhohlwa, WayenguJehova; iHawu lethu, isiHlangu sethu, uMphulukisi wethu; WayenguAlfa, uOmega, ukuQala nokuGcina; WayeyisiQalo, isiGcino; WayeNgokhona, UngoKhona, futhi UyoFika; iPande neNzalo kaDavide, iNkanyezi yoKusa, ngani, Wayeyikho Konke-kukho-konke. KuYe kwahlala ngokomzimba ukugcwala kobuNkulunkulu!

<sup>86</sup> Futhi ukufa njalo kwakuhlala kunodosi, olwatinyela abantu, "A," uDeveli uthi, "Ngikutholile, ngoba ulalele mina. Ngikutinyele, ngizokufaka ethuneni. Lelogazi lemvu lingekusize neze, lelo yigazi lesilwane nje." Kodwa uNkulunkulu, ekuhlakanipheni kwaKhe, wayazi ukuthi kuyobakhona iWundlu elifikayo, elihlatshiweyo selokhu kwasekelwa umhlaba. Yebo, mnumzane. Futhi bona...Walindela lesosikhathi, ukugcwala kwesikhathi ukuba kufike.

<sup>87</sup> Kodwa ngelinye ilanga lapho leliWundlu lifika, loMuntu, ngisho noSathane wenziwa isiwula. WaMqalaza, wathi, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, yenza *lokhu*. Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, yenza isimangaliso futhi mangiKubone usenza. MangiKubone usenza. Ehhe, ngizoMbopha ngendwangu ebusweni baKhe, ngiKushaye. Uma Ungumprofethi, sitshele ukuthi ngubani oKushayayo." We! "Angilokothi, angikholwa ukuthi nguwe uMfo. Uma Unguye, sitshele ngokuqondile ukuthi

Unguye kanjani.” Niyabo, konke kanjalo. “O, sitshele ukuthi Unguye!” Akawuvulanga umlomo waKhe. O, o, Wamkhohlisa-ke!

<sup>88</sup> Waqalaza ngakumfundi, futhi wathi, “Bengingakhuluma kuBaba waMi futhi UbeyoNgithumelela oligiyona abayishumi nambili beziNgelosi, ukuba beNgifuna.” UPilatu akakuzwanga lokho, niyazi.

<sup>89</sup> “Uma Uyiyo! Uma Uyiyo. O, lowo akusuYe. Ngani, Mbuke opha. Heyi, abanye benu mabutho hambani ngapho nimphimisele ebusweni baKhe.” Aphimisa, aMbhinqa, aMhluthula intshebe ebusweni baKhe. “O, Akasiyo! Lutho, lowo akusuYe! NgizoMtinyela ngodosi lwami, mfana. NgizoMkhuphulela lapho. NgiKutholile manje!”

<sup>90</sup> Lapho Ememeza okokugcina, “Eli! Eli! Nkulunkulu waMi! Nkulunkulu waMi!” Lowo kwakungumuntu. “UNGishiyeleni na?”

<sup>91</sup> Ensimini yaseGetsemane, ugcobo lwaMshiya, niyazi, Wafanele afe njengesoni. Wafa eyisoni, niyakwazi lokho; kungezona izono zaKhe, kodwa ezami nezakho. Lungena lapho-ke lolothando, ukuthi Wazithatha kanjani ezami! O, haleluya, ukuthi Wazithatha kanjani ezami!

<sup>92</sup> Futhi Wayelapho, Akawuvulanga umlomo waKhe. Umtinyeli wathi, “Uyazi, ngikholwa ukuthi lowo bekungumuntu ojwayelekile nje. Akazalwanga yintombi, ngoba ngiMtinyele ngodosi lwami.”

<sup>93</sup> Futhi nangu eza, waMshaya ngodosi lwakhe, kodwa leso kwakuyisikhathi esibi, mfana! Lwadoncuka ngaleyonkathi udosi lwakhe. Angeke esakwazi ukuphinda atinyele kusukela ngaleyonkathi, walushiya phakathi lapho udosi lwakhe. Wavuka ngosuku lwesithathu, futhi wathi, “NgaNgifile, sengiyaphila futhi, ngiphila kuze kube-phakade, Nginezihluthulelo zokufa nehayidese.” Yebo, mnumzane. Wehluleka ukubona ukuthi lowo kwakuNgubani. “Futhi ngoba Ngiphila, nani niyophila. Akukabonakali. . .”

<sup>94</sup> Ngelinye ilanga, ezinsukwini ezintathu kumbe ezine emva kwalokho, emva kokuba Esenyukele kuBaba, wabuya, khonake abanye bathi, “O, Uyi. . .U—Ufanele ukuthi useyisipoki. Usefanele ukuthi useyinto esasipoki lowoMfo. Futhi thina. . . Ubone Yena. Ubona umbono.”

“Qhabo, Ubenguye ngempela uJesu.”

<sup>95</sup> UThomase wathi, “Angibone izandla zaKhe nakho konke, ngizonitshela uma kuyikho.”

<sup>96</sup> Wathi, “Ngilapha.” Wathi, “Ninayo inhlanzi nesinkwa ngapho na? Nginikezeni isamishi.” Futhi baMlethela isamishi, futhi Wama lapho walidla. Wathi, “Manje, ngabe umoya uyadla njengoba Ngidla na? Ngabe umoya unenyama namathambo

njengoba Nginakho na?” Niyabona na? Wathi, “NgiNguYe. Ngiyilokho.”

<sup>97</sup> Futhi uPawulu wathi, “Akukabonakali ngempela ukuthi luhlobo luni lomzimba esiyobanalo, kodwa siyazi siyoba nomzimba onjengowaKhe.” Ini? Ngabe Wake wabanawo lowomzimba wokuzibonakalisa kukaNkulunkulu esimweni sobuntu na? Yebo, mnumzane! Ngenkathi Efa, iBhayibheli lasho ukuthi “Wa,” yisabizwana somuntu futhi, “Waya esihogweni futhi washumayela emiphefumulweni esekuboshweni.” Haleluya! Wakwenza kanjani na? Wayenemizwa yokuzwa, Wayenemizwa yokulalela, Wayenemizwa yenkulumo, Washumayela ngalohlobo olufanayo lomzimba engawubonayo leyo ekhazimulisiweyo ngobunye ubusuku. Washumayela emiphefumulweni eyayisesihogweni, engaphendukanga ekubekezeleni ezinsukwini zikaNowa.

<sup>98</sup> Kodwa, ngenkathi Evuka ngePhasika, kwakungenakwenzeka ukuba lowomzimba ubone ukubola, ngoba uDavide umprofethi wawubona phambili, “Angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese, futhi aNgiyikuvuma ONgcwele waMi abone ukubola. Ngisho inyama yaMi iyakuhlala ngokwethemba, ngoba Akayikushiya umphefumulo waMi ehayidese, futhi Akayikushiya ONgcwele waMi abone ukubola.” Futhi emahoreni angamashumi ayisikhombisa-nambili ngaphambi kokuba kungene ukubola, lokho kuzibonakalisa kukaNkulunkulu esimweni sobuntu, lowomzimba owahamba wayoshumayela emiphefumulweni eyayisekuboshweni, engaphendukanga ekubekezeleni kwezinsuku zikaNowa, wavuka futhi, nokubola sekwembethe ukungaboli, futhi Wema futhi Wadla, futhi Wasitshela ukuthi WayenguMuntu. Haleluya!

<sup>99</sup> SiyoMbona kanjalo-ke, Mfowethu Evans. Kuyoba ngalenkathi lapho Eyohlala khona esihlalweni sobukhosi sikaDavide. Haleluya! Kungalenkathi lapho siyokwehla senyuka manje, ngiyothatha uhambo kanye nawe siwele izintaba iminyaka eyisigidi, niyabo, izinsuku ezimbalwa nje, imizuzu embalwa nje, siyohamba siwelele lapho, sihlale sizungeze lapho.

<sup>100</sup> Futhi kufika isikhathi sokudla, niyazi, into yokuqala niyazi, uDadewethu Woods wathi... Ngathi, “Dadewethu Woods, kuhle, ubukuphi sonke lesisikhathi na? Angizange ngikubone i...kubonakala kimi sengathi bekuyimizuzu elishumi nanhlanu.”

“O, lokho sekuyiminyaka eyizinkulungwane ezimbili eyedlule, Mfowethu Branham.”

<sup>101</sup> “Ehhe. Uzizwa unjani na?” O, empeleni akukho ongakuzwa ngaphandle kokuba kahle.

<sup>102</sup> “Ake nithi, wozani lapha, bafana, ngizonikhombisa nonke okuthize, bazalwane, bazalwane bami abathandekayo. Nanku

umthombo wamanzi lapha, amnandi kunawo onke esenake nawaphuza. Futhi, o, sizothola ithamo elimnandi elibandayo. Ngiyofika phezulu lapho futhi ngithole esikhulukazi isigaxa samagilebhisi, futhi sonke siyohlala phansi lapho sisidle.” Akuyikumangalisa lokho na? Kuyilokho impela. Kuyikho nje.

<sup>103</sup> Sakuthola kanjani lokhu na? Sikwazi kanjani na? UNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wasimisela ngaphambili! Obani na? Labo abaseZweni lesethembiso.

*... misela ngaphambili ukuba sibe ngabantwana ngoJesu Kristu... njengalokhu kwaba-kuhle kuYe ngentando yakhe,*

*Ukuze kutuswe inkazimulo yaKhe... (Ukuze siMtuse njengoba Asho. Wayeyilokho-ke, uNkulunkulu, sifuna ukuMtusa)... tuswe inkazimulo yaKhe yomusa wakhe, asiphe wona ngobuhle ngaye othandiweyo. KuKristu siyemukelwa.*

*Esinokuhlelwa kuye ngegazi, ukuthethelelwa kwezo-o-n-o...*

<sup>104</sup> Kufanele ngibuyele esimweni sobuntwana, kodwa ngifuna ukuma ekutheni “izono” lapha umzuzu. “Izono,” nike nakuqaphela lokho na? Niyazi uNkulunkulu akasilahli isoni ngokona? Usilahla ngokuba yisoni. Uma isoni sibhema isigazu, Akasisoli ngaso; siyisoni, nakanjani. Niyabona? Niyabona? Asinazono, isoni asinazo. Siyisoni nje, niyabo, asinazono. Kodwa nina ninesono, nina eningamaKristu. Niyaqaphela lapha ukhuluma eBandleni. Uyaliqondisa.

Niyabo? Niyabo? “Ukuthethelelwa kwezono,” z-o-n-o. Thina senza isono. Kodwa isoni siyisoni nje, uNkulunkulu akasithetheleli.

<sup>105</sup> Manje, wena uthi, “Yebo, siphume lapha sadubula umuntu. Uzokwenzenjani ngalokho na?” Lokho akusiwona umsebenzi wami. Angisuye umguquli, ngingumshumayeli. Umthetho uzobhekana nalokho, bangabaguquli. Bayi... “Yebo,” uthi, “siphingile.” Lokho, lokho—lokho kungokomthetho. Lokho kuphakathi kwaso nomthetho. A—a—a—angisuye umguquli, angibaguquli abantu. Ngifuna ukubaphendula. Ngingumshumayeli, niyabo, umsebenzi wami ukumyisa kuNkulunkulu. Uma sonile, lowo ngumsebenzi waso, siyisoni. UNkulunkulu usilahla ezingeni eliphakeme. Siyisoni okokuqala nje, silahliwe kuqala nje. Asizange sifinyelele ngisho esisekelweni sokuqala, a—asikho ndawo. Siyisoni okokuqala nje. Asinazono, siyisoni.

<sup>106</sup> Wawungeke uphume uthi, “Lokhu okungaka ngubusuku, nalokhu okungaka akusibo ubusuku.” Qha, kungubusuku bonke, ngubusuku nje bonke. Yilokho uNkulunkulu akushoyo. Kunjalo, siyisoni nje, kwaphela. “Manje, senza lokhu, lokhu okungaka ngubusuku, lobu ubusuku bangempela obukhanyayo khona

lapha.” Ngiyazi, kodwa nje kungubusuku konke, kwaphela. Niyabo?

<sup>107</sup> Ngangingeke ngithi, “*Lokhu* okungaka ngukukhanya khona lapha.” Qhabo, ngukukhanya konke nje, niyabo, ngukukhanya nje, ungeke usho ukuthi kungakanani. Niyabo? Kodwa uma siyibala elimnyama ku *lokhu*, ngakho-ke kukhona ubumnyama kukho.

<sup>108</sup> Ngakho “izono,” i-z-o-n-o, sinokuthethelelwa kwezono zethu ngelaKhe (ini?) iGazi, iGazi elinqabileyo.

. . . *ngokwengcebo yo . . . wakhe;*

<sup>109</sup> Sikukhohlwa kanjani na? Ngoba sifanele, senza okuthize ukuba sithethelelwe izono zethu na? Ini eyaKhe na?

. . . *musa . . .*

<sup>110</sup> O, he! Angilethi lutho ezingalweni zami, Nkosi. Akukho engangingakwenza, akukho lutho engangingalwenza. Bukani! Wakumisela mina ngaphambili, Wangibiza, Wangikhetha. Angizange ngiMkhethe, Wangikhetha, Wakukhetha, Wasikhetha sonke. AsiMkhetanga. UJesu wathi, “AniNgikhethanga, Nganikhetha.” Wathi, “Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala, nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi. Futhi akukho namunye wabo olahlekile, kuphela indodana yokulahlwa, ukugcwalisa u—umBhalo.” Niyabona na? Wathi, “Kepha konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi.”

<sup>111</sup> O, ngishiywa yisikhathi kakhulu, anginjalo na? Futhi angikaphumi nhlobo kulokhu. Angikaqali kulokhu nokho. Ake ngisheshise, kufanele ngifinyelele kokuthize khona lapha masinya manje, siyasheshisa. Kufanele ngibuyele kulesisimo sobuntwana umzuzu nje. O, nizongithethelela nje oko—nje okomzuzu na? Ake sithole lokhu lapha, abanye balababantu bavela le eGeorgia balapha ubusuku banamhlanje kuphela, ayibusiswe inhliziyi yabo. Manje, mfowethu waseGeorgia, naseTexas nanoma ungowakuphi, lalalani kuleli ivesi 5. Ake sithi ukulibala kulo imizuzu emibalwa.

*Wasimisela ngaphambili ukuba—ukuba . . .*

<sup>112</sup> Lichaza ukuthini igama “ukuba”, igama “ukuba”? Lichaza ukuthi okuthile kwakuza ku, ukuba. “Ngiya emthonjeni. Ngiya esihlalweni.” Humes, uyakuthola lokho na? “Ngiya edeskini.”

Manje, *Wasimisela ukuba sibe ngabantwana kuye ngoJesu Kristu, njengalokho kwaba-kuhle kuye ngentando okungeyaKhe Qho,*

<sup>113</sup> Ubuhle obungakanani na? Kwakungubuhle bukabani, ukulunga kukabani na? BaKhe Qho. Ubuhle beNtando yaKhe Qho!

114 Manje, yini “isimo sobuntwana” na? Manje angithole lokhu manje, angazi noma...Angeke ngibenesikhathi sokuqeda lokhu, kodwa ngizokushaya. Bese-ke uma kukhona umbuzo, ungangibuza kamuvanyana ngesinye isikhathi emlayezweni, okuthize. Lalelani. Isimo sakho sobuntwana akusikho ukuzalwa kwakho. Isimo sakho sobuntwana singukubekwa kwakho. Ngenkathi uzalwa ngokusha, uJohane 1:17, ngiyakholwa, uma sizalwa ngoMoya kaNkulunkulu, singamadodana kaNkulunkulu. Kodwa sakumiselwa ngaphambili. Manje nakhu engizama ukuba nifinyelele kukho, okwalamadodana osuku lokugcina, niyabo. Uku...Niyabo? Samiselwa ngaphambili (ukuba) sibe nesimo sobuntwana.

115 Manje, manje nakhu lapho esikhona. Manje, yilokhu okulimaza amaPentekoste kancane. Athi, “Ngizalwe ngokusha! Ayibongwe iNkosi, nginoMoya oNgcwele!” Kuhle. Ungumntwana kaNkulunkulu. Kulungile. Kodwa nokho lokho akusikhona engikhuluma ngakho. Niyabo, namiselwa ngaphambili ukuba nibe nesimo sobuntwana. Isimo sobuntwana, kungukubeka indodana.

116 Ngisondele kakhulu kulokho, ngoba uBecky ungitshela ukuthi ngisondele kakhulu kukho, anikwazi ukuzwa emuva. Ngisondele...

117 Niyabo, umntwana. Bangaki abayaziyo imithetho yobuntwana eTestamenteni eliDala na? Nebala, nibukile. Indodana yayizalwa. Ngikholwa ngukuthi nginakho kwenye intshumayelo. Kuyini lokho, Gene, uyakhumbula? Kuseteyipini. O, kwakuyini lokho na? Ngi—ngi—ngi—ngike ngakuthinta kuyo. O, yebo, nginayo, *YiZweni. YiZweni*, isimo sobuntwana sabantwana.

118 Manje, eTestamenteni eliDala, lapho u—lapho umntwana ezalwa emndenini, wayengumntwana ngenkathi ezalwa, ngoba wayezalwa ngabazali bakhe, wayeyindodana yomndeni futhi eyindlalifa yakho konke. Manje, kodwa lendodana yayikhuliswa ngabaphathi. AbaseGalathiya, isahluko 5, evesini 17 kuya kwelama 25. Kulungile. Wayekhuliswa ngabaphathi, abakhulisi, abafundisi. Manje, isibonelo nje, ukuba ngangizale indodana, asithi, ngingubaba futhi...

119 Futhi yilesosizathu kwiKing James, bangaki abake bacabanga bafunda ngokuxake kabi-kabi kwiHumusho iKing James, kwathi, “Ekhaya likaBaba waMi kukhona izindlu eziningi”? Ikhaya, izindlu eziningi. Niyabo? Ngempela, ezi—ezinsukwini iBhayibheli elahunyushelwa uKing James, *ikhaya* kwakungu “mbuso.” “*Embusweni* kaBaba waMi kukhona izindlu eziningi.” Hhayi ekhaya, izindlu, kodwa Wayebizwa ngoBaba walombuso. Babenawo ngokwaseBhayibhelini impela, eBhayibhelini kungalelyondlela.

<sup>120</sup> Nxa ubaba wayenepulazi elikhulu elibanzi elingamamayela ayinkulungwane, kumbe okunye okuthize, wayenesixuku sabantu behlala *ngapha*. Wayenezandla eziqashiwe zihlala *ngapha* ukunakelela izimvu, wayenezinye *ngapha* ukunakelela izinkomo, wayenezinye *ngapha* ezazenyukela ezindaweni ezingasenhla phezulu lapho kude ngekhulu lamamayela, futhi wayenezinye khona *ngapha* zinakelela izimbuzi, futhi wayenezinye zinakelela iminyuzi ne—nezinto ezehlukene. Wa—wayenombuso omkhulu impela. Futhi wayegibela imbongolo yakhe encane futhi agibele azulazule kulowo nalowo futhi abone ukuthi babeqhuba kanjani, ukugundwa kwezimvu nakho konke kanjalo. Wayengenasikhathi. . .

<sup>121</sup> Aningizwa uma ngihamba ngiqhele lapho. Ngi—ngi—ngizozama ukuhlala emuva lapha. Ningizwa kahle manje, lapha na? Qaphelani.

<sup>122</sup> Wayegibela ahambe, futhi asuke ahambe, ezama uku—ukunakelela u—u—umbuso wakhe. Ngakho manje ufuna. . . Leyondodana izoba yindlalifa yakho konke anakho. Iyindlalifa.

<sup>123</sup> Futhi nxa sizalwa eMbusweni kaNkulunkulu, ngoJesu Kristu, siyindlalifa yeZulu, izindlalifa kanye noJesu, ngoba Wathatha indawo yethu. Waba yithina (isono), ukuze thina sibe nguYe (ukulunga). Niyabo? Uba yimina ukuze mina ngibe nguYe, niyabo, izindlalifa kanye naYe. Kulungile, manje nikukhumbule lokho, kulowo nalowo wenu.

<sup>124</sup> Manje, khumbulani, uNkulunkulu wanimisela ngaphambili, ngokwazi ngaphambili, ukuthi naniza kuLokhu. Wonke umuntu uyakuqonda, phakamisa isandla sakho, niyabo. UNkulunkulu, ngokwazi ngaphambili, wanimisela ngaphambili ukuba nize eZweni lesethembiso. Yini iZwe lesethembiso kumKristu namuhla na? Phakamisa nje isandla sakho uma wazi. “Isethembiso ngesenu nesabantwana benu, kubo abakude. Futhi kuyakuthi ezinsukwini zokuphela, kusho uNkulunkulu, ukuthi Ngiyakuthulula uMoya waMi phezulu kwayo yonke inyama, amadodana enu namadodakazi enu.” Futhi kuIsaya 28:18, “Kuyisiyalezelo phezulu kwesiyalezelo, umudwa ngomudwa; lapha ingcosana, lapho ingcosana. Bambisisa lokho okuhle. Yebo ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi ngiyakukhuluma kulababantu. Futhi lokhu ngukuphumula, (uku—ukuPhumula) izwe lesabatha eNgathi bayongena kulo. Futhi, ngenxa yakho konke lokhu, abayikuzwa, kodwa bajanquzisa amakhanda abo basuka bahamba, kepha abathandanga ukuKuzwa.” Niyabo? Impela.

<sup>125</sup> Kwakuyini na? Impela nje njengalabo bantu ababelokhu besuke le bevela eKenani, kumbe bevela eGibhithe, kwenyuke njalo kudabule ehlane, futhi babaseduze impela, basondela ngokwanele ukuthi baze banambithe amagilebhisu aphuma ezweni. Mfowethu, lapho, lawomadoda afuna ngikuhoxise



lokho, lokho okukumaHeberu 6. Ngingakwenza kanjani na? Lawo angamakholwa athiyeka emnceleni, awasoze awele! Angeke awele. UJesu washo.

Bathi, “Obaba bethu badla imana ehlane.”

<sup>126</sup> NoJesu wathi, “Bona, bonke, bafile.” Leyonto, yehlukanisa. Bona, bonke, bafile. Kunjalo. Wathi, “Kepha Mina ngiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu siphuma eZulwini. Umuntu odla lesiSinkwa, akasoze afa. Kunjalo. Yebo, mnumzane, unokuPhila okuPhakade uma edla Lokhu. NgiyilowoMuthi wokuPhila ovela ensimini yaseEdeni.”

<sup>127</sup> Manje, niyabo, lababantu bakhuphuka basondele kakhulu! Niyabo, uma uqaphela amaHeberu 6, kungesikho ukubuyela kulokho, kodwa kumaHeberu 6, “Lababantu bake benziwa abahlanganyeli, basondela kakhulu, futhi banambithe isiphiwo saseZulwini.” Bahlala bazungeza, bakubonile ukuphulukisa kwenziwa, bababonile abantu besemandleni kaNkulunkulu, bazibonile izimpilo ziguqulwa, kodwa bangeke babeke isandla Kukho. Qhabo, mnumzane. Qhabo, mnumzane. “Futhi banambitha amandla ezwe elizayo; futhi uma bengazama ukuba babuye bazivuse futhi baphenduke, lokhu sebe—sebezibethelele iNdodana kaNkulunkulu kabusha, badelela iGazi lesivumelwano abangcweliswa ngalo. . .”

<sup>128</sup> “Ngingowasebandleni elikholelwayo ekungcwelisweni.” Lokho kuhle ngesingakho, kodwa awuhambi uye kude ngokwaneleyo. Niyabo? Yebo, mnumzane. Ihlane labangcwelisa. Yebo, impela. Babene—babenenyoka yethusi ne—i altare lethusi, nakho konke phandle lapho, ukungcweliswa, kodwa bangena ePalatine ukuba baphumule. Zange. . .

<sup>129</sup> Bukani ngale kumaHeberu 4, akazange asho yini ukuthi “okunye ukuPhumula”? UNkulunkulu wadala usuku lwesikhombisa wase ebanika ukuphumula ngosuku lwesikhombisa. Kwenye indawo wakhuluma ngosuku lokuphumula, “futhi namuhla kuDavide.” Ngakho Ubanika okunye ukuPhumula, “Zanini kiMi nina nonke enikhathelayo nenisindwayo, Mina ngizakuniPhumuza.” Ngenani kulokhu ukuPhumula! Ngokuba thina esingene kulokhu ukuPhumula siphumulile emisebenzini yethu njengoNkulunkulu wenza kweyaKhe ngesabatha. Impela. Nanto isabatha lakho, ukuPhumula. Nakho ukuPhumula kwakho kwangempela kuleliZwe lesethembiso.

<sup>130</sup> UMoya oNgcwele uyisethembiso sabantu. Futhi kungani beyofuna abashumayeli abafundisiwe ababonisa ulwazi olukhulu abayobavumela bagqoke izikhindi futhi bagunde izinwele zabo, futhi bapende umlomo, nendoda egembulayo futhi iphuze utshwala futhi ikhulume amahlaya, futhi baqhubeke baziphathe kanjalo, futhi bazibize ngamalunga ebandla? Ngani, bayothatha into enjalo futhi bakwenqabe

ukuhola kukaMoya oNgcwele! Ngani, iBhayibheli lathi iZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili elihlaba kwahlukane ithambo, lahlulele imicabango yenhliziyo. Yebo, ngisho nemicabango yengqondo!

<sup>131</sup> Futhi uma sithanda izwe kumbe izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakithi. “Baningi ababiziweyo, bayingcosana abakhethiweyo; ngokuba isango lincane nendlela iyingcingo eyisa ekuPhileni, futhi kepha bayingcosana abayakuyifumana. Abaningi bayakuza kiMi ngalolosuku futhi bahlale phansi eMbusweni,” kwasho uJesu, “noAbrahama, uIsaka noJakobe. Kepha abantwana bombuso bayolahlelwa ngaphandle, futhi bathi, ‘Nkosi, asikwenzanga yini lokhu ngeGama laKho na? Asishumayelanga yini na? Besingesuye yini uDokotela uS’bani-bani noMfundisi S’bani-bani na?’ Angizange nginazi. Sukani kiMi, nina benzi bokubi, Nganginganazi. Akusuye wonke othi, ‘Nkosi, Nkosi,’ oyongena. Kepha yilowo owenza iNtando kaBaba waMi oseZulwini, nguye ongenayo.”

<sup>132</sup> Nakho la ukhona, ukungena kuleliZwe lesethembiso. Singena kanjani kulo na? Simiselwe ngaphambili kulo. IBandla, ngokwazi ngaphambili kukaNkulunkulu, limiselwe ngaphambili (kukuphi na?) odumweni lwaKhe, ngomusa waKhe, enkazimulweni, nokukhonza nenkazimulo kaNkulunkulu. UBabayi, ehlezi emuva lapho ekuqaleni, ekhona ngokwamandla akhe, kungekho lutho oluMzungezile, wafuna into ezokhonza, ngakho Wanquma ngaphambili futhi wamisela ngaphambili ibandla, futhi ngaphambi kokusekelwa kwezwe, futhi waloba amagama abo eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ngenkathi be . . . hlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuze babonakale enkazimulweni yaKhe nasezindumisweni zaKhe ekupheleni kwesikhathi, lapho kuyobuthelwa zonke izinto kulowoMuntu oyedwa, uKristu Jesu. Wewu! Udumo! Yilokho. Lokho nje yi . . . Futhi yilokho lapho impela, mfowethu, dadewethu. Ungalokothi ugudluke kuLokho.

<sup>133</sup> UNkulunkulu, ngomusa waKhe wokukhetha, wakubiza. UNkulunkulu, ngomusa waKhe wokukhetha, wakungewelisa. UNkulunkulu, ngomusa waKhe wokukhetha namandla aKhe, wakubhaphathiza wase ekubeka kulelizwe lokuPhumula. Labo abangene kulokhu ukuPhumula uphumule ekwedukeni kwabo. Baphumule emisebenzini yabo njengoba uNkulunkulu enza kweyaKhe. Banentokozo engakhulumekiyo, futhi bagcwele inkazimulo! UMuthi wokuPhila uyahluma kubo. Banokubekezela, ububele, ubuvi, ukukholwa okwenziwe ukukhuthazela, ukukholeka, ubumnene, ububele, nokunjalo. UMuthi wokuPhila uyahluma kubo ngoba ithemba labo ligxile kuKristu Jesu, ubufakazi bukaMoya oNgcwele bufakaza ngezibonakaliso nezimangaliso zilandela abakholwayo. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Lapho behamba, baphulukisa abagulayo, bakhiphapha amademoni,

bakhuluma ngezilimi, babona imibono. Ba...Futhi bahamba noNkulunkulu, bakhuluma noNkulunkulu. Akukho develi ongabagudluza, babambelele, bebheke...?...Bekhohlwa yilezozinto ezadlulileyo, bajonge emgomweni wokubizwa okukhulu kwaphezulu kuKristu Jesu. Nakho lapho bekhona. Nakho lapho bekhona. Lelo yileloBandla.

<sup>134</sup> Bafika kanjani lapho na? Ungeke uthi, “Cha, Nkosi, Uyazi, ngelinye ilanga ngaqala ukubhema izigazu, futhi ngawa, ngase ngicabanga ukuthi ngiyo...” O, qha, qha, qha, qha.

<sup>135</sup> Ukumiselwa ngaphambili! Wasibiza futhi lapho siMlandela kulapho sithi khona, “Nkulunkulu, sasilahlekile futhi siphelile. Sasingenawo ngisho umqondo ngisho ukuzisindisa. Sasiyimvelo yengulube, sasiyizingulube ukuqala nje.”

<sup>136</sup> Phuma uye ehlokweni lezingulube bese ubuka ingulube endala yensikazi, bese uthi, “Manje, buka lapha, ntomb’endala, ngifuna ukukutshela okuthize. Kuliphutha ukuba uphuze amanz’angcolile.”

<sup>137</sup> Iyothi, “Hhoi-hhoi.” Niyabo? Manje, lokho nje kufana nokuthi unokuzisindisa wena. Kunjalo impela.

<sup>138</sup> Uthi, “Ntombi, awufanele ukugqoka izingubo ezinjalo, ufanele ugqoke ngobunono. Ufanele wenze *lokhu*. Awufanele ukuya e...Awufanele ukuba nalamaphathi amakhadi. Awufanele ukubhema ogwayi. Awufanele ukwenza *lokhu*. Mnumzane, awufanele ukuphatha *lokho*.”

<sup>139</sup> Uthi, “Hhoi-hhoi. Ngingowakwa*Hhoi-hhoi*.” Ehhe. “Hhoi,” bazi lokho nje kuphela. “Yebo, ngizokwazisa ukuthi ngifana nse nawe. Hhoi-hhoi!” Niyabo, benqaba ukuhola kukaMoya oNgcwele, ngokuba iBhayibheli lasho ukuthi uma uthanda izwe kumbe izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe.

<sup>140</sup> Yini ebona babe ngabazuziweyo na? Niyisizwe esingcwele. Nenzeni na? Ningene niphuma kulelozwe. Seniwelele kwelinye iZwe. Nifinyelele kanjani lapha na? Lelo yiZwe lesethembiso. Nhloboni yesethembiso na? “Kuyakuthi ezinsukwini zokuphela, kusho uNkulunkulu, ngiyakuthulula uMoya waMi kuyo yonke inyama.” NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizelwa kuleliZwe elilodwa lesethembiso. Amen. Bafowethu nodadewethu, haleluya, ngobumhlophe benhliziyo, kungekho mona, kungekho butha, lutho! Angikhathali uma umfowethu eduka, akunandaba ukuthi wenzani, uyohamba umfune.

<sup>141</sup> Ngahamba ngayofuna umfowethu esikhathini esingesele esadlula, wayedukile. Umfo osemncane wathi kimi, wathi, “Liyeke leloshinga lihambe. Liyeke.”

<sup>142</sup> Ngathi, “Uma ngike ngifike endaweni lapho inhliziyo yami ingamzwele umfowethu, ngakho-ke kuyisikhathi sami ukuba

ngiye e altare, ngoba sengiwile emseni.” Ngathi, “Ngizohamba inqobo nje uma esenawo umphefumulo emzimbeni wakhe, futhi ngiyombamba ndawondawo nje ngasemgqeni.” Yebo, mnumzane. Futhi ngambamba, haleluya, ngambuyisa. Yebo, mnumzane. Usebuyele emhlambini ngokuphepha manje. Yebo, mnumzane. Wayeyokweduka njengezwe impela.

<sup>143</sup> Esikhashaneni esedlule ngenkathi ngibone lowo wesifazane ompofu omncane ehlezi lapho, nephoyisa eliphatha isifunda langibiza, lathi, “Kungani, ubefanele ukuba ugqoke ibhantshi elimbambayo lokuvimbela uhlanya.” Lathi, “Uyampompa nje, usangene ikhanda.” U—u, bambeka ehotela. Bafika.

Ngathi, “Kulungile.”

<sup>144</sup> Lathi, iphoyisa eliphatha isifunda lathi, “Kungani, Billy!” Ngilazi kahle kakhulu, futhi ngalazi kusukela ngisengumfanyana. Lathi, “Uma kukhona engingakwenza ukuba ngikusize.”

Ngathi, “Kulungile.”

Lathi, “Ungamsiza na?”

Ngathi, “Qhabo, kodwa Yena angamsiza.” Ngathi, “Umzuzu nje.”

<sup>145</sup> Ngakho bamkhiphela lapho. Futhi ngenkathi ehamba esikhashaneni esedlule, ngokuthula. Kwakuyini na? Samthumelela umkhuleko. Ameni! Waye. . .

<sup>146</sup> Bathi, “Uyafuna ukuthola udokotela na?” Besho kumyeni wakhe, “Uyafuna ukuthola udokotela na?”

<sup>147</sup> Wathi, “Udokotela ngeke amenzele lutho.” Futhi kunjalo. Uyahlanya; udokotela ngeke amenzele lutho.

Wathi, “Ithemba lethu kuphela lingukufinyelela *lapho*.”

Futhi wathi, “Billy, angikuqondi lokho.”

Ngathi, “Angikubhekile ukuba ukuqonde, niyabo. Angikubhekile ukuba ukuqonde.”

<sup>148</sup> Kodwa, o, he, nami angikuqondi! Qhabo. Kodwa, mfowethu, uNkulunkulu eZulwini. . .Ngangingekho, ngaleya ngesinye isikhathi, Okuthize kuyangilandela. Ameni! Kwakungesikho ukuthi yingoba ngangifuna ukuza, kodwa, qhabo, Okuthize kuyangilandela. Ngoba ngaphambi kokusekelwa kwezwe, uNkulunkulu wakumisela ngaphambili, haleluya, ukuthi siyoba ngabaKhe, kulo udumo lwaKhe nenkazimulo. Lalelani! Labo Ayebazi ngaphambili, Wenzeni na? Ubabizile. Ngabe kunjalo na? Ngabe Wakubiza na? Yebo! Wakubizelani na? Wakwazi ngaphambili. Labo Ayebazi ngaphambili, Ubabizile; labo Ababizile, Ubalungisisile. Ngabe kunjalo na? Nalabo Abalungisisile, Ubakhazimulisile! Ameni! Lasho njalo iBhayibheli. Labo Ayebazi ngaphambili, Ubabizile. Zonke

izizukulwane! Labo Ababizile, Usebakhazimulisile vele. Ini? Ake ngifunde umBhalo lapha. Kulungile.

*Wabamisela ngaphambili ukuba sibe ngabantwana  
kuye ngoJesu Kristu, njengalokho kwbakuhle kuYe  
uQobo . . .*

*Ukuze kutuswe inkazimulo yaKhe . . .*

<sup>149</sup> O, niyakuthola na? Ukuze kutuswe inkazimulo yaKhe! Ukuze Ahlale lapho eminyakeni yaPhakade ezogingqikela phambili, nabantwana baKhe bayodazuluka, “Aba, Baba! Aba, Baba!”

<sup>150</sup> Futhi iziNgelosi zithi, “Bakhuluma ngani na? Bakhuluma ngani na?”

<sup>151</sup> Kubekwe kwacaca kamnandi endodaneni yolahleko. “Bengilahlekile.” “Lena yindodana yami. Ibilahlekile futhi manje isitholiwe. Ibifile, futhi isiyaphila futhi. Lethani ithole elikhuluphalisiweyo, ingubo enhle kunazo zonke, indandatho futhi niyifake emweni wayo. Futhi masithi . . .” Akumangalisi lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye, amadodana kaNkulunkulu enanela ngokujabula, lapho ebone icebo lensindiso, uNkulunkulu eloba igama lakho eNcwadini ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

<sup>152</sup> Manje wena uthi, “UCalvin wakholwa yinto enjengaleyo.” Angimkholwanga uCalvin. UCalvin wayengumbulali. UCalvin wabulala indoda ngoba yabhaphathiza eGameni likaJesu. Wayeyishinga, edinga ukuphenduka, qobo lwakhe. Yebo, mnumzane. Kodwa akushoyo, mayelana nezinye zezinto azishoyo, wayeqinisile. Unga . . . kodwa . . . Isenzo sakhe, umuntu obulala umuntu ngento enjengaleyo, lokho kubi kabi, lokho kuyisono. Kulungile.

*Auwvamisa kithi . . .*

<sup>153</sup> O, ake nime, angisitholanga lesi “simo sobuntwana,” ngisitholile na? Ngabe sengephuze kakhulu na? Ake sibone ukuthi leliwashi lithini phezulu lapha, sinesikhathi esingakanani. Kulungile. Ake—ake sithathe nje imizuzu elishumi ngenxa yalababantu abavela kude. Buka. Buka.

<sup>154</sup> “Isimo sobuntwana,” Ake nginikhombise ukuthi kwenziwelani manje. Ubaba unombuso omkhulu, ugibela azungeleze. Manje usenendodana ezelweyo. O, ujabule kakhulu! (Lowo nguNkulunkulu.) Ngakho niyazi ukuthi lowobaba wenzani na? Uthola umkhulisi obedlula bonke, umphathi. Niyazi ukuthi yini umphathi, anazi na? Nguthisha wesikole. Uthola uthisha wesikole obedlula bonke angamthola ezweni lonke. (Futhi-ke siyahamba manje, lalalani.) Futhi uthola uthisha wesikole obedlula bonke angamthola. Akavele nje athole ishingana, ufuna umfana wakhe abe ngunkab’malanga ngempela.

155 Awubafuni abantwana bakho babengaleyondlela na? Impela, obedlula bonke ongabanika yena! Yebo, mnumzane. Ngakho uma umuntu wemvelo acabanga lokho, ucabanga ukuthi uNkulunkulu ubacabangelani abantwana baKhe na? Obedlula bonke Angamthola.

156 Ngakho, ufuna umuntu ozobaqotho. Manje, akamuntu... funi muntu ozothi, "Manje, buka, ngi-ngi... Junior, yenza nje noma yini oyifunayo, s'thandwa." "O, yebo, baba, ehhe, uza kahle impela, ungumfana okahle." Athi ukumbambatha emhlane nothi esigqokweni sakhe. Qhabo, qhabo. Lowomfo angaxoshwa njengamanje. Impela. Ufuna umuntu ozoba neqiniso. Uma lowomfana eza kahle, mtshele. Uma engenjalo, mtshele ukuthi yini okuliphutha.

157 Futhi uma ubaba wasemhlabeni acabanga lokho... Ungemthande umuntu ozoba qotho kuwe, uthisha wesikole abeqotho ngabantwana bakho na? Impela. Yebo, ucabanga ukuthi uNkulunkulu ucabangani? Futhi Uyazi; thina asazi, Uyazi. Sinomkhawulo, singsesho. Kepha Ungongenasisphelo futhi uyazi.

158 Ngakho, niyazi ukuthi uBaba wenzani na? Akazange athi, "Ngizothola uphapha angibhekele abantwana baMi." Kanjalo Akazange athi, "Ngizothola u-umbhishobhi." Qhabo, qhabo. Akazange akwenze lokho, ngoba Wazi ukuthi uphapha uyobanephutha, uyobanjalo nombhishobhi. Niyabo? Akazange athi, "Ngizothola umbonisi kazwelonke ukuba abheke amabandla aMi." Qhabo, qhabo.

159 Wathola uMoya oNgcwele. Yilowo owayenguMphathi waKhe, ehhe, ukukhulisa abantwana baKhe. Kulungile. Pho ungazi kanjani ukuthi uMoya oNgcwele uyakwazi? Ukhuluma ngezindebe zomuntu. Wazi kanjani-ke ukuthi Ukhuluma iQiniso na? Nxa ubona uMoya oNgcwele ekhuluma ngezindebe ezikhuluma iQiniso ncamashi ngaso sonke isikhathi, ebikezela futhi kufezeka ngokuphelele impela, njengoba washo uSamuweli, khona-ke uyazi ukuthi lelo yiQiniso. Kuza kahle. Ngoba uNkulunkulu wathi, "Uma ekhuluma futhi akushoyo kungafezeki, ningamuzwa, ngoba Anginaye. Kepha uma ekwenza, yebo, khona-ke mzwani, ngoba Nginaye." Niyabo? Nakho lapho ukhona. Ukwenza kanjalo.

160 Manje, khona-ke Uhamba ejikeleza. Manje, ucabanga ukuthi lowoMphathi wayengathini uma Wayengenyukela kuBaba? Abese ethi, "A—abantwana baKho baziphatha kabi kabi. NgiyaKutshela, lowomfana waKho, u, we, uyimbuka. Uwulova, Angikaze ngimbone umfo onje! Wo, Uyazi ukuthi wenzani na? Naleyontombazane yaKho! O, wewu, Angazi ukuthi Uzokwenzani ngayo. We. Yebo, Uyazi ukuthini? Ibukeya-nje sengathi i... Izipende konke njengamanye alawomantombazane

ngaleya, iFiliste. Yebo, Mnumzane, ifuna ukwenza njengoba enza nje.”

“Indodakazi yaMi?”

161 “Yebo, indodakazi yaKho.” Yilokho uMoya oNgcwele ozokusho ngebandla namuhla. Akumangalisi singakwazi ukuba nemvuselelo. Niyabo? Manje, yiqiniso lelo.

“Uthini ngendodana yaKho na? Hhe? Into efanayo.”

“Ini?”

162 “Yebo, Uyazi Ubuhlale usho ukuthi lezozimvu zifanele zeluselwe kulelodlelo enhla lapho kulokho Kudla kwezimvu enhla lapho. Yebo, Uyazi ukuthi yenzeni? Iziqhubele ezansi lapho kuleyonqwaba yokhula. Yavele yazehlisela lapho yase zilahla zonke kulowomfudlana, yaziyeke ziqube zizungeze kuleyonqwaba yokhula, zidla leyomyezane emidala, futhi zihlupheka ngangokuthi azikwazi ukuphuma lapho.” Labo ngababhishobhi, abelusi abaphika aMandla akho. “Yebo, NgiKutshela iqiniso, Angikaze ngizibone izimvu ezethuka izanya kangaka empilweni yaMi.” Akakuthandi lokho. Qhabo. “Futhi Uyazi ukuthini? Lezozinkomo enhla lapha, Uyazi Wa—Wazitshela ukuba zidle lowo—lowoluseni enhla lapho, Uyazi, ukuzenza zikhuluphale?”

“Yebo.”

“Uyazi ukuthi izinikani?”

“Qhabo.”

163 “Lolokhula-nsimbi oludala. Yebo. Ibenza bajoyine izinhlango nakho konke. Awukaze ukubone okufuze lokhu empilweni yaKho. Awukaze ukubone okunje kuyo yonke impilo yaKho. Uyazi ukuthi yenza ni? Ihamba iphumele ngapho ibhema isigazu esikhulu, iqethuke. Ikanye nomkayo, ugqoke izikhindi njengoba kwenza amaFilisti nje phandle lapho. Yebo.” Yilolohlobo lombiko uMoya oNgcwele ozoluthatha mayelana nebandla namuhla. Manje, ucabangani ngalokho na?

164 Leso isimo sobuntwana. We...Wenzani na? Wasimisela ngaphambili thina—thina esimweni sobuntwana. Usinika uMoya oNgcwele; kodwa, lindani umzuzu, isimo sobuntwana, yilokho esikhuluma ngakho. Isimo sobuntwana!

165 “Yebo, Uyazi ukuthi yenzani? Umbhishobhi uyafika ngelinye ilanga, futhi washo. Yayinenkonzo encane yokuphulukisa ezansi lapho, nombhishobhi uyafika. Omunye umfo, umfowethu uyafika futhi wayekhulekela abagulayo. Futhi wathi, ‘Kuyeke lokho!’

“O, o, yebo, baba mbhishobhi, ngizokwenza lokho.’

“Ungabambisani.’

“O, qhabo, qhabo, baba mbhishobhi, impela ngeke.’

166 “Futhi lapha ngiyafika ngiyitshela iQiniso eliphuma eZwini laKho impela. Niyabo, Nanti. Ngiyifundela imithetho yaKho ngakho impela okufanele kwenziwe, futhi ayiyilaleli. Yathi, ‘O, lokho kwakungokomunye unyaka, enye indodana esinye isikhathi. Lokho akusho mina.’” Nakho lapho okhona. Lelo, manje lelo yiQiniso, mngane. Manje aniboni yini lapho ibandla ligeja khona ukubekwa kwalo, yingani singenayo imvuselelo, yingani singenazo izinto eziqhubekayo na? Kulele lapho-ke.

167 UJoshuwa uthi, “Gadi, ngikufuna u...khona phakathi lapha kubekwe indawo yakho ngokwesifanekiso sokuzokwakhiwa, indawo yakho ibekwe lapha, khona lapha. Wena ngena lapha, Gadi, futhi uhlale lapha. Benjamin, wena yehlela khona lapha. Futhi manje nonke nina hlalani niqhele emngceleni wamaFilisti.” NoJoshuwa uyabuya, lapha bonke bangale kumaFilisti, benedili elikhulu elidala, besina nje phezulu kanjalo, futhi bonke abesifazane bependa konke, futhi besina bezungeza futhi benesikhathi esikhulu. NoJoshuwa wenwaya ikhanda lakhe, wayesethi, “Manje ini?” Manje yilokho impela nje okwenzekayo; akusibo bonke, siyabonga Nkulunkulu, akusibo bonke, kodwa baningi kakhulu. Kulungile.

168 Manje kwenzekani-ke ngaleyonkathi na? Yilokho okwenzekayo. Awumcabangi lowoMuntu, uMoya oNgcwele, ekhophoza phambi kukaBaba nxa Ezosho lokho na? O, he! “Nga—Nga—Ngamtshela, kodwa a—a—akaLilalelanga. Ngamtshela lokho, futhi ngamvumela afunde khona lapho eNewadini. Ngangino—Nganginomfundisi omncane ufika amkhombise ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi Uyazi ukuthini? Uvumela omunye walabo—vumela omunye walabo belusi bezimbuzi abadala beze ngapha futhi bamtshela ukuthi lokho kwakungokomunye unyaka. Niyabo? Futhi wayenuka kabi kabi ngenkathi efika laphaya, enuka iphunga lembuzi, Uyazi, izigazu, futhi Uyazi, nokunjalo, enuka kabi kabi ngenkathi efika ngapha. Niyabo? Kodwa NgiyaKutshela, lowomelusi wezimbuzi wayenezimindlela ezanele ziqhaselwe kuye, ngokuba, NgiyaKutshela, uma Ubungabhala igama lakhe ephepheni, belingathatha (umbiko olanda ngaye) ubungathatha ingxenye yekhasi ukwenza izikhundla zakhe. Yebo, Mnumzane, ngempela bayamthanda laphaya kulelozwe, kodwa, NgiyaKutshela, ngempela akakwazi ukwelusa izimvu. Yilokho kodwa ngakho. Uvele angaNgilaleli,” kusho uMoya oNgcwele. “Ngizamile ukumtshela ukuthi Wena Unguye izolo, namuhla, naphakade, kodwa u—uzovele angakwenzi. Uyigwala elikhulukazi kwesengake ngawabona empilweni yaMi. Yebo. Nebandla selimenze umbonisi, umbhishobhi, kanjalo kanjalo, bonke abantu bayamlalela. Futhi-ke Uyazi ukuthini? Bathatha labo...banento endadlana ezansi lapho bayibiza nge ‘televishini.’ Uyayivula into endadlana



kanjalo, na—nalabo besifazane bayafika futhi baqhubeke, yonke inhlobo yezingubo eziphakathi nendawo nje. Futhi, Uyazi, iningi lamadodakazi aKho lipat- . . . ”

“O, impela qha!” Niyabo?

169 Uthi, “Yebo, anjalo. Yebo, ayakwenza. We. Amanye awo akhalela imvuselelo, Baba, amanye awo ngempela ayayifuna. Amanye ngempela awo ahamba emgqeni, amanye awo ami ngeqiniso ngempela ngamandla awo onke kuleloZwi. Amanye, Angazi ukuthi kwenziwe njani, a—akude phandle lapho. Uyazi ukuthi amanye enzani na? Ehlekisa ngawo, bethi, ‘Ayisixheke nje samahlaya.’”

“Yebo, lokho kuMenza azizwe ephatheke kabi.”

170 Kodwa manje ake siguqule isithombe. Manje uBaba, indodana yaKhe ingumfana olungileyo, UYise khona—khona ngokulinganisene, nangu uMphathi, uMoya oNgcwele. Noma yiyiphi indlela ongakuyo uMoya oNgcwele, Athi, “Ngizohamba,” uMphathi wathi, “Ngi. . . ”

171 Umntwana wathi, “Ngizohamba naWe ngqo. Ngizohamba naWe ngqo.”

“O, igquma liphakeme kabi kabi, ndodana.”

172 “Ngizohamba naWe ngqo. NgiyaKwethemba. Uma ngiqala ukukhathala, Uyophakamisela isandla sami phezulu futhi angibambe ngime.”

“Kodwa kukhona amabhubesi phezulu egqumeni lapho!”

173 “Akunandaba inqobo nje uma Ukhona macala onke, akwenzi nomncanyana umehluko. Ngihambisana ngqo kanye naWe.”

“Kukhona inhlupeko phezulu lapho, ingamadwala abushелеlezi.”

174 “Angikhathali, inqobo nje uma Wena ubambe isandla sami, ngizohamba naWe ngqo. Ngizohamba naWe ngqo.”

“O, uyazi ukuthini? UYihlo wayevamise ukukwenza lokho, uyabo. Lokho kuhle. Yebo, mnumzane.”

175 Wenyukela esiqongweni segquma lapho. “O,” Wathi, “Uyazi ukuthini, Baba? Indodana yaKho ifana nse nokhamba olufuze imbiza endala. Yona ngokoqobo, ifana naWe nse. Lonke iZwi Olishoyo, ithi ‘ameni’ kuLo. Nga—Ngayiphenyisa ngale eBhayibhelini ngelinye ilanga, futhi Lathi, ‘UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.’ Uyazi ukuthi yathini? Yadazuluka yaphonsa izandla zayo phezulu emoyeni, yayisithi, ‘Haleluya! Ameni!’ O! Futhi Uyazi Lasho lapha, e—eZwini laKho, Uyazi, lapho Wena owathi, ‘Imisebenzi, okholwa yiMi, imisebenzi eNginyenzayo naye uyakuyenza?’”

176 “Yebo, Ngiyakhumbula ngiyilobela Lokho indodana yaMi. Yebo, Ngiyakhumbulu ngiloba Lokho.”

177 “O, ngenkathi ibona lokho, yavele yadazuluka futhi yagxuma phansi naphezulu, impongoloza, ‘Haleluya, Nkosi. Khipha lonke izwe kimi. Ngenze ngibe njengaLokho!’ Yebo, Mnumzane. Nazo zonke lezozinto ezenzile!”

178 “O,” UBaba wakusho, “Ngi—Ngiyajabula ngaleyondodana. Leyo yindodana enhle. Kulungile. Phosa iso kuyo iminyaka embalwa, ubone ukuthi i—ubone ukuthi iza kanjani, nokuthi iphumelela kanjani.” Emva kwesikhashana iminyaka iyedlula. “Iqhuba kanjani na?”

179 “O, he, ikhula ngisho nasemseni! O, he! Ivele...Ixhoza amahlathi. NgiyaKutshela, i—ingempela...Ngani, ithatha lezozimvu, iziphathe nje—njengoba Wenza nje. Ayisoze iziphe ukhula lasolwandle. Ayisoze iziphe ukhula-nsimbi. Nxa zifika zizungeza, zithi ‘sifuna ukujoyina ibandla’; ithi, ‘Valani umlomo wenu, anikudingi lokho! Qhabo, mnumzane. Nakhu enikudingayo, “Phendukani nibhaphathizwe, yilowo nalowo, eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zenu. Niyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele.” Yebo, Mnumzane, kulapho ekushiloyo.”

“O, ngabe ngempela iyakusho lokho?”

“Yebo, Mnumzane, impela iyakusho.”

“Kuhle, yileyondlela nje eNgaLiloba ngayo.”

“Yileyondlela nje eLisho ngayo. We! Yebo, Mnumzane.”

180 “Amanye awo athi, ‘Hlalani emzini eJerusalema nize nembathiswe amandla avela Phezulu, uMoya oNgcwele aze afike phezu kwenu, nibe ngofakazi kiMi eJerusalema, eJudiya naseSamariya, nasezingxenyeni ezinkulukazi zezwe.’ Ngenkathi ifunda lokho, yampongoloza, ‘Haleluya, yilokho enikudingayo!’ Niyazi ukuthi yenzani? Ivele izehlisele ezansi ngqo lapho zize ziWuthole, kuphela, ihlala nazo ngqo.

181 “Futhi uma ziqala ukuqophisana, ithi ‘Wo, wo, wo, ake nime kancane, ake nime kancane. Ziziphatha kanjalo-ke izimbuzi, hhayi izimvu. Niyabo? Niyabo?’ O, ngezinye izikhathi zithi ukuyittemela kancane, kodwa ithi ukuzimbambatha emhlane kancanyana, ithi, ‘Ake nime kancane, sh-sh, sh-sh, sh. Kulungile.’ Iyazi ngempela ukuthi zilawulwa kanjani izimvu. Yebo, Mnumzane, NgiyaKutshela.

182 “Uyazi uk’thini? Ngibone uMbhishobhi omkhulu uS’*bani-bani* eyitshela ukuthi i ‘ngeke yeza kulelidolobha futhi ibambe umhlangano.’ Kodwa, Uyazi, Ngithe ukuyihola, Ngathi, ‘Hamba noma kanjani.’ Niyabo? ‘Monyula lamateyipu, futhi ungewadedeli aphume.’ Sahamba noma kanjani! Bahamba bawelela kulamadolobha lapha, bathi, ‘Yebo, singeke sispon-...’

183 “Futhi Uyazi, uDeveli wehlela lapho, wathi, ‘NgiyaKubhejela ngingayivimbela ingangeni kulelidolobha.’

Ngathi, 'Angeke kwenzeke. Uma ngiyitshela ukuthi ayihambe, izohamba. NgiyaKubhejela ibizohamba.' 'Qhabo, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo, ngizoyitshela. Ngizokwehla futhi ngithi, "Manje, nonke baphatheli bami, nonke hlanganani ndawonye. Anifuni neyodwa yaleyontshisekelo endala lapha, konke lokho ukuphulukisa okudala kukaNkulunkulu naleyonto endala enguMoya oNgcwele. Owedlula emuva nabaphostoli eminyakeni eyedlulayo. Uyazi ukuthi lokho akusizi, emuva lapho.'" Ezama ukuziphala lolokhula-nsimbi oludala, yonke into enjalo. Zi . . .

184 "Kodwa, Uyazi uk'thini, yaqhubeka yaqonda ezansi lapho noma kanjani. Yaqhubeka yaqonda ezansi lapho yase iqala ukuphosela ngaphandle uluseni, kusukela..Futhi Uyazi uk'thini, lezozimvu zaqala ukudla, zikhuluphele ziyaqhuma. Yebo, Mnumzane. Ngenkathi benokuphulukisa nemihlangano futhi, Uyazi, iningi lalabo bafokazi abancane bayaqala. Ngani, babonile ukuthi uma, bethole isithungu esikhulu sefolishi njengalowoluseni. Uyazi ukuthi benzeni ngalo? Lalimnandi kabi zaze zaphumela ngaphandle komakhelwane, zathi, 'Thathani Lokhu! Thathani Lokhu! Amabhungu namatshitshi, ama lapho...?....Yebo, Mnumzane, njengalokhu khona lapha. Nakhu khona lapha. Kukhona khona lapha, niyabo. Phendukani nje, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu, niyabo, nithola uMoya oNgcwele. Kungokwalowo othandayo, makeze, makeze lapha abone ukuthi iBhayibheli lathini.' Niyabo? Futhi nje banesikhathi esikhulu ezansi lapho."

185 "O, leyo yindodana yaMi! Lowo ngumfana waMi. Kuhle, Ucabanga ukuthi isivuthwe ngokwanele na?"

186 "Yebo. Impela injalo," kwasho uMoya oNgcwele. "Ngiyinike izivivinyo. Mfana, Ngayivivinya ngalendlela, ngayivivinya ngaleyondlela. Ngiyiphose phansi, yagula, Ngiyifake ngaphansi. Ngayishaya, Ngiyekelele uDeveli enze konke kuyo angakwenza, ibuye ikhuphuke nje futhi. Ifika ngokufanayo nje. Niyabo, ikhuphuke futhi. Ngiyenze yagula. Ngenze *lokhu*. Ngayiphosa esibhedlela. Ngayikhipha lapha futhi Ngenze *lokhu*, Ngenze *lokho*. Ngiyenze yaphendukelwa ngumkayo, Ngayenza yaphendukelwa omakhelwane bayo, Ngaphendula konke. Lokho akwenzanga nomncane umehluko. Yathi, 'Nakuba Engibulala, ngoMethemba.' Ngibulale umndeni wayo. Ngathatha *lokhu*, Ngenza *lokhu*, Ngenze konke *lokhu*, Ngenza *lokhu*, *lokho*, *okunye*. Yayilokhu ime mpo, 'Nakuba Engibulala, nokho ngiyakuMkhonza! Ungowami!'"

187 "O! Yebo, Ngikholwa ukuthi Sifanele ukumbizela ngaphandle ndawo-thizeni endaweni ekhethekileyo bese siba nokubekwa kwendodana."

188 Manje, ngenkathi ubaba, eTestameni eliDala, waqonda ukuthi indodana yakhe yayisingene ebudodeni, futhi yayisimisiselwe isikhathi sokuba sesimweni sobudodana. Ukuba!

Bazalwa bengumntwana, kodwa, nxa beyindodana ngayo leyonkathi. Kodwa-ke abasoze babangaphezulu kokuba babe ngumntwana nje, indodana ejwayelekile nje, baze bavuthwe futhi bakhombise ukuthi bayini. Lapho-ke, uyibizela ngaphandle ngaleyonkathi.

<sup>189</sup> Manje nakhu lapha sikhona, bandla. Senilungele na? Manje sesihambahambile isikhathi, wonke umuntu luma umunwe wakho, ncinza umphefumulo wakho, bese uqhutha inhliziyi yakho, okomzuzu nje. Niyabo? Manje sizobeka ibandla. Manje nxa ibandla lifinyelela kuleyondawo, Uthi, “AbakwaManase, nina ningabangapha. Efrayimi, wena ngapha.”

<sup>190</sup> Bese-ke eyithatha eyikhiphela endaweni ethize, kwenza ubaba, futhi uyihlalisa phezulu phezulu kwendawo ephakemeyo enjenga le, futhi uba nomgubho, futhi bonke bafike bazungeze. Futhi athi, “Ngifuna wonke umuntu azi ukuthi lona ngumntanami, futhi ngibeka indodana yami. Futhi ngifuna noma ngubani ukuba azi, kusukela emva kwalokhu, ukuthi igama layo. . . Ngiyayivunulisa, imvunulo ekhethekileyo kuyo. Futhi ngifuna nazi ukuthi igama layo liyefana nse kunoma yiliphi isheke njengoba linjalo igama lami. Ingumntanami, ngiyayemukela ibe yindodana emndenini wami, nakuba ibiyindodana yami lokhu yazalwa. Lokhu yemukela uMoya oNgewe, ibiyindodana yaMi. Kodwa manje Ngizoyibeka ngokwendawo eyiyona yona egunyeni. Ekuxoshayo kuxoshiwe, ekuqashayo kuqashiwe.

<sup>191</sup> “Futhi ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, uma nithi kulomuthi, uma nithi kulentaba, ‘suka,’ futhi ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholwa ukuthi enikushilo kuyakwenzeka, ningaba nakho enikushilo.” Niyabo? Nakho lapho ukhona; nakho lapho ukhona. Niyabo? “Iyindodana yaMi.” Bangaki owaziyo ukuthi isimo sobuntwana, ukuthi i. . . babeyemukela indodana emva kokuba isifakazisile ukuba yi. . . Nayimuphi umuntu owake wafunda iBhayibheli, ukubekwa kwendodana.

<sup>192</sup> Manje, uNkulunkulu wenza into efanayo eNdodaneni yaKhe ngenkathi Ethatha uJesu emenyusela eNtabeni yokuGuqulwa isimo. Wathatha uPetru, uJakobe noJohane phezulu lapho, lokho ngofakazi abathathu basemhlabeni. Kwakukhona uJesu, uMose noEliya, noNkulunkulu, phezulu entabeni. Lapho bema phezulu lapho entabeni. Futhi, into yokuqala uyazi, babheka, noJesu wakhazimuliswa phambi kwabo. Ngabe kunjalo na? Bangaki owaziyo ukuthi lowo ngumBhalo na? Wenzani na? Wa—WaMvunulisa ngengubo yokungafi. Futhi wathi, “Izingubo zaKhe zakhanya njengelanga.” Ngabe kunjalo na? Nefu labasithibeza. Futhi uPetru noJohane nabanye, bawa ngobuso babo. Futhi babheka, futhi nakho kumi uMose noEliya, bekhuluma naYe. NoMose wayesefile, futhi wembelwa ethuneni elingenaphawu eminyakeni engamakhulu

ayisishiyagalombili. NoEliya wagibela inqola waya eZulwini, eminyakeni engamakhulu amahlanu ngaphambi kwalokho. Wewu! Kodwa babesalokhu belapho! Lapho babekhuluma naYe. Niyabo, Wayekhuphule uJesu ukuba ababone, ukubona ukuthi kwakumayelana nani, bona lapho, eMkhombisa lezizinto. Futhi bakhuluma naYe, babanengxoxo naYe.

<sup>193</sup> Kwase-ke kwathi nje uPetru angabheka emuva futhi nokukhazimula kwase kusukile kuJesu, babona uJesu yedwa, neZwi livela kulelofu, lase lithi, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, Yizweni! IGama laYo lifana nokuthi elaMi nje manje. Yizweni!” Yilokho, emukelwe ebudodaneni, kumbe amadodana abekiwe.

<sup>194</sup> Manje, kulapho-ke la uNkulunkulu ezama khona ukuthola ibandla lePentekoste eNcwadini yabase Efesu. Niyabo? Ngabe nina, niyaqonda na? Sekufanele sivale ngoba isikhathi sesihambile kakhulu, niyabo, abantwana sebeyozela. Futhi bengifuna ukwehlela lapha kuleliviki khona lapha, kodwa angikwazi ukukwenza, kuze kubese—sevesini 13, niyabo, ingxenywe yokugcina, “nabekwa uphawu olunguMoya oNgcwele wesethembiso.” Sizokuthola ngeSonto lokho, niyabo. Bukani. Manje, kanjani, ukuthi yini okusingenisayo, nokuthi sigcinwa kanjani yiLokhu.

<sup>195</sup> Kodwa manje uku “beka,” unjani na? Kuqala uzalelwa eMbusweni ngoMoya oNgcwele. Bangaki abakwaziyo lokho na? Kulungile. Okulandelayo, umiselwe ngaphambili kukuphi na? Esimweni sobuntwana. Yini leyo na? Umiselwe ngaphambili ekubekweni.

<sup>196</sup> O, Dadewethu Scottt, ngikholwa yikuthi yikho, ehlezi lapha. Akusuwe obusekhaya ehla namhlanje na? Imfundiso ihamba ijikeleza ndawo ndawo ezweni, ngokujikeleza ezingxenyeni ezehlukene zezwe, ngizwile ngayo, okuningi, ukuthi uJesu ulapha emhlabeni, ehamba hamba emzimbeni, Uyangena futhi wenza *lokhu*. Lawo amanga! UMoya waKhe oNgcwele ulapha, futhi Uzama ukubeka iBandla laKhe, ukubeka iBandla laKhe ohlelweni, alibeke eZweni lesethembiso, ukuze bangene... ukuze zonke izitha zixoshwe zikhishwe.

<sup>197</sup> AbakwaManase angeke balithathe izwe lakhe. Ngingeke ngaba nenkonzo yokuphulukisa nxa ingxenywe ye... nxa i...Ngihamba ngiphumele lapho bese ngishumayela umbhaphathizo eGameni likaJesu Kristu, na—nabazalwane bakaziqo-zintathu bethi, “O, ungomdala kaJesu Yedwa.” Futhi ngeke ngawelela ngapha futhi ngibe nokuphulukisa kukaNkulunkulu nxa ingxenywe yabo ithi, “Ukuphulukisa kukaNkulunkulu kulungile,” neningi labo lithokozela izimangaliso zeNkosi futhi lithi, “Kuhle, ngikholwa ngukuthi uMfowethu Branham ungumprofethi, kodwa ake nginitshela okuthize. Inqobo nje uma uMoya uphezu kwakhe, futhi

ehlukanisa, uyinceku yeNkosi. Kodwa iMfundiso yakhe ibolile, Ayilungile.” Ubani kodwa owake wezwa ngobuphukuphuku obungaka? Kuphakathi kokuthi ngokukaNkulunkulu kumbe akusikho okukaNkulunkulu. Kunjalo. Kuphakathi kokuthi konke nguNkulunkulu kumbe akusuye uNkulunkulu. Kungaleondlela. Kodwa uzobanakho kanjani? UManase engagcini umhlabathi wakhe, uEfrayimi engagcini umhlabathi wakhe, uGadi engagcini umhlabathi wakhe, uBenjamini engagcini umhlabathi wakhe, bonke bagijima ngaphandle lapha namaFilisti, nakho konke kuyingxubevange. Sizobekwa kanjani na? Kodwa sizalwe ngoMoya oNgcwele, thina sonke. Ngabe kunjalo na? Sizalelwa kuphi na? Simiselwe ngaphambili... Bese-ke emva kokuzalwa, simiselwe ngaphambili esimweni sobuntwana, ukuba sibekwe eMzimbeni kaKristu. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

<sup>198</sup> Yini uMzimba kaKristu na? Abanye abaphostoli, abanye abaprofethi, abanye abafundisi, abanye abavangeli, nabanye abelusi. Ngabe kunjalo na? Siyabizwa kuwo. Abanye baneziphiwo zezilimi, ukuhunyushwa kolimi, ukuhlakanipha, ukwazi, izimangaliso, ukusebenza kwezimangaliso, zonke leziziphiwo ezahlukenene. Futhi manje benzeni na? Bathi ukuzejwayeza lokho kancanyana. Ini? Kudedeleka sengathi angazi ukuthi yini. Oyedwa uyasukuma, akhulume ngezilimi, nomunye aqhubeke ekhuluma, [UMfowethu Branham ulingisa umsindo wokuba nhlakanhlaka nokudideka—Umhl.] into efanayo. Umshumayeli uzothi eshumayela, ebizela e altare, nomunye asukume, akhulume ngezilimi no “Haleluya, udumo kuNkulunkulu.” Uma u—uma umshumayeli kwenzeka eqhubeka nomlayezo wakhe, egcotshiwe, lapho-ke abantu bathi, “umhlabathi omdala.” Niyabo, kungoba abafundiswa.

<sup>199</sup> IBhayibheli lathi umoya wabaprofethi uthobela umprofethi. UNkulunkulu akasuye owesiyaluyalu. Nxa ngimi lapha, kumbe umfundisi lapha ngaphansi kogcobo lukaNkulunkulu. Akunandaba noma ngabe ufuna kangakanani ukukhuluma ngezilimi, uyathula uNkulunkulu aze aqede lapha. Khona-ke uma ukhuluma ngezilimi, kungeke nje kwaba ngukuphindaphinda umBhalo, ngoba uNkulunkulu wathi ningathemelezi. Kodwa ngumlayezo oqonde ngqo kothize. Ngibuze ngesinye isikhathi, beka umunwe wakho kwesinye isikhathi lapho uMoya oNgcwele kwake kwenzeka, phansi kokwahlukanisa, watshela othize, waphindaphinda umBhalo njalonzalo. Wabatshela okuthize okwakuliphutha ngabo nokuthize ababekwenzile, nokuthize okufanele bakwenze kumbe okuthize kwakufanele kwenzeka, kumbe into efana naleyo. Ngabe kunjalo na?

<sup>200</sup> Kunjalo ukukhuluma ngezilimi nokuhunyushwa! Uma ekhona ebandleni okhuluma ngezilimi, nomunye akuhumushe, makusho lokhu. Makuthi uMfowethu Neville asukume

akhulume ngezilimi, nalomfowethu lapha ahumushe, athi, “Tshela lomlisa lapha ukuthi izolo uphume lapha wase enza obekungafanele akwenze. Manje udokotela umtshelile namhlanje ukuthi ubenomdlavuza. Hamba ulungise leyonto, ubuye uze lapha ubuyisane noNkulunkulu.”

Umlisa uthi, “Impela, yiqiniso lelo.” Khona-ke uNkulunkulu unawe.

<sup>201</sup> Kodwa sizokwenza kanjani ngalendlela na? Niyabo? Nje kuyi [UMfowethu Branham ulingisa umsindo wokuba nhlakanhlaka nokudideka—Umhl.] noma yikanjani, akukho kubekwa nhlobo. Manje lokho yi...Niyabo, abaseEfesu, bazama...Niyabo, bayakugeja lokho. Niyabo, bakugeja kanjani? Simiselwe ngaphambili ukuba sibe nesimo sobuntwana samadodana! Manje bangaki oqondayo ukuthi ngiqonde ukuthini, phakamisa isandla sakho. Isimo sobuntwana! Sizalelwa eMoyeni kaNkulunkulu, impela, semukela uMoya oNgewele, futhi simemeze, “Aba, Baba! Haleluya! Udumo kuNkulunkulu!” Siyibo, kunjalo, singabantwana, kodwa singefike ndawo. Asikwazi ukubhaxabula amaFilisti.

<sup>202</sup> Buka uBilly Graham emi laphaya. Nalowo kaMohamede ethi, “Kufakazise.”

<sup>203</sup> Buka uJack Coe emi ezansi laphaya. NalowomphikuNkulunkulu, leloBandla likaKristu lixhawulana nomphikuNkulunkulu phandle lapho, futhi bethatha isandla. Ofanele ukuba ngumKristu, futhi exhawulana nodeveli njengoJoe Lewis, nomcabangi okhululekile, futhi waze wathuka uNkulunkulu futhi wathi “yayingekho into ethiwa nguNkulunkulu, noma kanjani, kusuka nje,” nezinto ezifana nalokho. Nebandla abazibiza ngeBandla likaKristu, bexhawulana naye, futhi bevunana ngoMfowethu Jack Coe. Sizokwenza kanjani noma yini na? NamaPentekoste, amaningi awo, aphambene naye; lapho, wonke umshumayeli ezweni lakithi ubefanele ukuma uzwani ngozwani naye, futhi athi, “Nkulunkulu, thumela aMandla aKho ehle.” Niyabo, nakho lapho esikhona, lapho lingeke labekwa khona.

<sup>204</sup> UEfrayimi akafuni ukuhlala. Omunye wabo uwelela ngapha, sithola uManase efinyelela ngapha nje, ethi, “O, he, iNkosi ingipha insimu enhle yokusanhlamvu!” Bese-ke lapha kufika ngapha, uGadi, wathi, “Yebo, manje, ake nime kancane. Ngifanele ngilime izinhlamvu ze othi, kodwa ngizothola okusanhlamvu futhi. Haleluya!” Niyabo? Awuhlangene ngalutho nokusanhlamvu; thola izinhlamvu ze othi, i othi yindima yakho okufanele uyilime. Awufanele ukwelusa izimvu nxa ufanele ukwelusa izinkomo. UNkulunkulu ufuna ukubeka ibandla. Kodwa bonke bafuna ukwenza into efanayo. “Haleluya!” Futhi ungeke ubatshele utho ngakho. Qhabo, qhabo. Basenaleyomvelo yobumbuzi, “Ngqubu, ngqubu,

ngqubu, ngqubu, ngqubu, ngqubu, ngqubu.” Niyabo, ungeke ubatshele. Kunjalo. Manje, akusilo iqiniso lelo na? Futhi ungeke ubeke ibandla. Niyabo?

<sup>205</sup> Ibandla lifanele ukuba limiselwe ngaphambili esimweni sobuntwana sabantwana, lapho khona umuntu . . . UNkulunkulu angathatha umuntu amenze indodana emndenini, futhi amnike okuthize. Lokho, kuqala, hlola lokho bese ubona ukuthi kuyikho yini. IBhayibheli lathi hlolani umoya. Lomuntu usho into ethize, kuhlole bese ubona ukuthi kuyikho yini. Uma kuyikho impela, qhubeka nakho ngqo. Bese uthi, “Nkosi, sithumelele okunye.” Yiba ulokhu uqhubeka, niyabo, yiba ulokhu uqhubeka nje aze wonke umfo athathe indawo yakhe. Khona-ke uzobona ibandla likaNkulunkulu liqala ukuthola indawo yalo. Kungalenkathi-ke la amaFilisti eyohamba eyokweseka khona. Izikhindi ziyoshabalala, izinwele ziyokhula zehle, ubuso buyogezwa; izigazu ziyolahleka. Kunjalo. Nxa ibandla liqala ukungena eMandleni alo amakhulu, nxa sinoAnaniya noSafira, nedlanzana labo. Yebo, nnumzane. Uzobona nxa leloBandla elingcwele lima ndawonye eMandleni aKhe, bebekwe ngokwendawo eyiyona yona njengamadodana kaNkulunkulu, abekwe esimweni sobuntwana iBandla elinamandla limi lapho enkazimulweni yalo. O, yilokho Akuzelayo.

<sup>206</sup> Niyabona ukuthi sikude kangakanani, bazalwane? Ningeke nabuthana ngisho ndawonye emBhalweni. Futhi nayimuphi umuntu, nayimuphi umuntu ongakwazi ukubona umbhaphathizo wamanzi eBhayibhelini, eGameni likaJesu Kristu, kuphakathi kokuthi uyimpumputhe kumbe kukhona okungalungile engqondweni. Kunjalo. Futhi kulapho-ke la impi enkulu ikhona.

<sup>207</sup> Ngizo—ngizotshela noma yimuphi umuntu ozongilethela noma yimuphi umBhalo lapho noma ngubani ake abhaphathizwa khona kunoma yiliphi elinye igama ngaphandle kweGama likaJesu Kristu, ebandleni elisha. Kumbe, uma wayebhaphathizwe noma ngayiphi enye indlela, wayefanele aphinde abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, ukuthola uMoya oNgcwele. Woza ungikhombise. Ayikho into enjalo. Awukho umyalo onjalo. Ngenkathi uJesu esho laphaya, “Ngakho hambani, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” UYise, iNdodana, kwaMoya oNgcwele, akukho nokukodwa okuyigama, namunye wabo. UPetru waphenduka, kuzo izinsuku ezilishumi kamuva, wathi, “Phendukani, nibhaphathizwe, yilowo nalowo, eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono.” Futhi ndawo zonke eBhayibhelini.

<sup>208</sup> Futhi-ke nampa abanye ababhaphathizwa ezansi lapho, ngenye indlela, nguJohane, kukho ukuphenduka nje. UPawulu wathi, “Nifanele niphinde nibhaphathizwe futhi. Nifanele nize futhi.”



209 “O, kodwa sibhaphathizwe ngumuntu omkhulu ongwele, uJohane. Wabhaphathiza uJesu.”

210 “Kulungile, yiVangeli leli. NguMoya kaNkulunkulu lona obuzokwambulwa kimi. Ngingumphostoli weNkosi, futhi uma ingelosi ivela eZulwini ifika ishumayele noma yini okunye. . .”

211 Angikufunde lokho. iBhayibheli lathi, “Uma ing-. . .” UPawulu wathi, “Uma ingelosi ivela eZulwini isho noma yini okunye,” umbhishobhi, umbhishobhi omkhulu, uphapha, umbonisi, noma ngabe angaba yini, “uma eshumayele noma yini okunye ngaphandle kwaLokhu enginishumayeze khona, makabe ngoqalekisiweyo.” Akukho. . . Asinayo imikhuba enjalo. Qhabo, mnumzane. Uvele. . . Ayikho nje into enjalo. Wena, si. . . Bese-ke-ke, niyabo, kungani abantu bengakuboni lokho na? Kungani abantu bengeke—bengeke, bengeke bakukholwa lokho na? [Omunye ebandleni uthi, “Kumiselwe ngaphambili”—Umhl.] Niyabo? Omunye uyihlabhe esikhonkosini lapho ngqo, Gene. “Kumiselwe ngaphambili,” impela. Ngani na? “Konke uBaba aNgiphe khona kuyo” (ini?) “za kiMi.” Kukanjalo impela! “Konke uBaba aNgiphe khona kuyoza, kuyoza kiMi.” Yini indaba ngami, mina ngizama ukuthola lapha? Nakhu lapha esikhona. Kulungile.

212 Ake ngifunde nje lelivesi futhi ngizobe-ke senginitshela ukuthi uPawulu, izinto ezi. . . Wona uMlayezo engiwushumayele kulobubusuku, nakhu uPawulu akusho ngokumiselwa ngaphambili, embhaphathizweni wamanzi eGameni likaJesu, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukuhlelwa ebandleni, nokunjalo. Nakhu akusho.

*Ngiyamangala (etshela lamaGalathiya) ngokuba nimhlubuka masinya kangaka yena owanibizela emuseni kaKristu. . .*

Nginamahloni kakhulu ngani, ngamany’amazwi, ukuthi nivumela omunye angene anisonte nidede kuLokho, *niye kwelinye ivangeli:*

*Elingesilo elinye; kuphela ukuba bakhona abanididayo, bethanda ukuvimbela ivangeli likaKristu, ukuvimbela iVangeli langempela likaKristu.*

213 Kodwa qaphela. Manje, khumbulani, kwaba nguPawulu owacindezela wonke umuntu owayengakabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, ukuba eze aphinde abhaphathizwe futhi eGameni likaJesu Kristu. Bangaki owaziyo ukuthi yiqiniso lelo na? Bangaki abaziyo ukuthi kwaba nguPawulu owathi lezizimfihlo bezifihlakele selokhu kwasekelwa umhlaba, futhi zembuliwe kuye, ukuthi sakumiselwa ngaphambili ukuba sibe ngamadodana, futhi, esimweni sobudodana. Kwaba nguPawulu. Buka lapha ukuthi wathini.

*Kepha-ke noma kungaba-yithina, noma ingelosi evela ezulwini, enishumayeza ivangeli eliphambene nalelo esanishumayeza lona, makabe ngoqalekisiweyo.*

214 Ungaveli nje uthi, “Angivumelani nawe, mnumzane.” Makavele aqalekiswe. Ake ngifunde ivesi elilandelayo.

*Njengoba sesishilo, ngisaphinda nakalokhu, Uma umuntu enishumayeza ivangeli eliphambene nalelo vele esalemukelayo, makabe-ngoqalekisiweyo.*

215 Kunjalo. Manje, mfowethu, dadewethu, uma kwakunguNkulunkulu ngelinye ilanga, futhi ngi—ngisho lokho ngethemba ukuthi angisuye ongahloniphiyo, okungithathe ngayobona le encane...Manje, ngijabula ngokwadlulele; angiboni ukuthi ngijabula ngokwadlulele, nje ngithola ukubusiswa ekushumayeleni. Angisazazi futhi nginihlalisa lapha ngize ngazi ukuthi seniyozela futhi nikhathele. Kodwa, o, ngi...Uma be—uma kuphela benazi ukuthi nginifuna kanjani nibe laphaya! Niyabo? Futhi ngenkathi mina, ngiyaphinda ngiyakusho lokhu futhi, ngenkathi ngi...ngenkathi Ethi... Ngathi, “Kuyokwenza...”

Wathi, “Ungathanda ukubona ukuthi kuyini ukuphela na?”

216 Futhi ngabheka emuva futhi ngazibona ngilele lapho embhedeni. Impela seningazile ngokwanele isikhathi eside ukwazi ukuthi—ukuthi—ukuthi nginitshela iQiniso. Ngifuna ukunibuza okuthize, njengoba uSamuweli asho ngaphambi kokuba bagcobe uSawulu, sengake nganitshela yini noma yini eGameni leNkosi ngaphandle kwalokho okwaba liqiniso na? Ngabe kunjalo na? Bekuhlala njalo kuliqiniso. Sengake ngeza yini nganicela imali kumbe noma yini kunjalo na? Qhabo, niyabo, angikaze. Sengake ngenza noma yini ngaphandle kokuthi ngazama konke ukuniholela kuKristu na? Impela.

217 Manje bafuna ukuthi ngingofunda umcabango ngengqondo, niyazi, umboni ozwa kakhulu. Kusobala, lezozinto ifanele ivuke, iBhayibheli lathi bayokwenza. NjengoJambre noJane bamelana noMose, benza okuthi akusondele impela into efanayo uMose ayenzayo, kuze kufike ekuhlaleni kwamaqiniso obala. Kunjalo. Kodwa khumbulani, uJambre noJane babengakwazi ukuphulukisa. Babengakwazi ukuphulukisa. Babekwazi ukuletha izinhlupho, kepha bengazisusi. Niyabo? Kulungile. Manje, uNkulunkulu unguMphulukisi. IZwi likaNkulunkulu lhlala liyiQiniso.

218 Ngizamile ukwethembeka kini. Ngizamile ukunitshela iQiniso. Ngizamile—ngizamile...ciske amashumi amathathu-nanye eminyaka, ngime kulelipulpiti, ngehla ngenyuka, iminyaka engamashumi amathathu-nanye, futhi ngelinye ilanga ngingahle ngihambe ngiye eNkazimulweni nganhlanye kwalelipulpiti. Bekukhona unkosikazi, indodakazi, ubaba, abafowethu, bonke bangcwatshwa khona ngaphesheya lapho,

abangane abaligugu. Ngiwabukile amabhokisi abo omngcwabo nezimbali kubekwe lapha. Futhi ngiyazi ukuthi ngelinye ilanga nelami liyoba khona, futhi. Manje, yiqiniso lelo. Kodwa ngobuqotho, ngokusuka kuyo yonke inhliziyi yami, nginitshela ngenhliziyi yami yonke, ngikholwa ukuthi ngishumayeke kuni iVangeli leqiniso leNkosi uJesu Kristu. Ngikholwa ukuthi nifanele nibhaphathizwe, yilowo nalowo, eGameni likaJesu Kristu, futhi namukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi nanini uma nikwenza, kuyonilethela ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ububele, ukukhuthazela, ukukholeka.

<sup>219</sup> Futhi ngelinye ilanga, okwenzeka kimi ngalokho kusa, angazi. Ngeke ngasho namanje noma ngangilapha emzimbeni wami futhi ngabona umbono nje, kumbe noma ngangithathiwe ngasuka lapha, laphaya. Angazi, ngeke ngasho. Kuphela engikwaziyo, ukuthi nga—ngangihlale ngikwesaba ukufa, leyondawo encane yodosi. Kodwa ngingesabi ukuthi uJesu angefike angithole, manje, ngangingakwesabi lokho, ngoba a—angikwesabanga lokho; kodwa uma bengingahlangebazana nawe futhi kube yinkungu endadlana indiza le idabule emoyeni. Kodwa sengiyabona manje. Ngenkathi ngibone labobantu, babeyibo ngempela.

<sup>220</sup> Kwake kwabakhona indoda eyake yamela iPentekoste futhi yayingumphostoli weqiniso, kwakunguF. F. Bosworth, ehlanzekile, eqondile, iVangeli langempela, niyabo, kwakunguBosworth. Futhi ngenkathi ngimbamba ezingalweni zami, futhi ngamemeza kakhulu, “Baba wami, baba wami, zinqola zikaIsrayeli nabamahhashi bakhe.”

<sup>221</sup> Wathi, “Ndodana, hlala ensimini.” Wathi, “Ubashaye abanye balababafa abasebancane kumasimu akwelinye izwe, uma unghale ukwazi, ngaphambi kokuba bangenise eningi yentshisekelo laphaya. Bathathele leloVangeli langempela onalo, ndodana.” Wathi, “Inkonzo yakho ayikaqali nokho kulokho eyoba yikho.” Wathi, “UnguBranham omusha sha.” Wathi, “Usemncane, ndodana.”

Ngathi, “Mfowethu Bosworth, ngineminyaka engamashumi amane-nesishiyagalombili ubudala.”

<sup>222</sup> Wathi, “Awukaqali nokho.” Wathi, “Ungabavumeli lababashumayeli bamaPentekoste abancane bafinyelele laphaya nomningi umbhedo, futhi bafake lento ushevu, futhi bathole bonke o—osomaqhinga nalolonke izwe liphikisane naLo ngaphambi kokuba ufike lapho.” Wathi, “Qhubekela phambili, Mfowethu Branham, qhubeka uye phambili neVangeli onalo.” Wathi, “Ngi—ngikholwa ukuthi ungumphostoli, kumbe umprofethi weNkosi uNkulunkulu wethu.”

<sup>223</sup> Ngambuka, ngamgona ezingalweni zami. Ngathi, “Mfowethu Bosworth, ngifuna ukukubuza umbuzo. Yisiphi

isikhathi esasijabulisa ukwedlula zonke kokwakho... umzuzwana wokokwakho... yonke iminyaka yakho oyishumayelile na?"

Wathi, "Kukhona manje, Mfowethu Branham."

Ngathi, "Uyazi ukuthi uyafa?"

Wathi, "Ngeke ngife."

Ngathi, "Yini... Usho ngani ukuthi lesi yisikhathi sakho esijabulisa ukuzedlula zonke na?"

<sup>224</sup> Kwakukhona umnyango omncane. Wathi, "Ngilele lapha nobuso bami bubheke ngakulowomnyango. Kakhulu noma yimuphi umzuzu, Lowo ebengimthanda, naLowo ebengimshumayelela futhi ngammela, kuzo zonke lezi... impilo yami, Uzoza kulowomnyango azongilanda, futhi ngizohamba naYe." Ngambuka, ngacabanga, nga—ngangibuka ngokufana njengoba ngangengenxa kuAbrahama, uIsaka, kumbe uJakobe.

<sup>225</sup> Ngathatha isandla sakhe, ngathi, "Mfowethu Bosworth, sobabili sikholwa nguNkulunkulu ofanayo, sikholwa yinto efanayo. Ngomusa kaNkulunkulu ngiyoshumayela ngize ngiphume umphefumulo wokugcina emzimbeni wami. Ngiyohlala ngethembekile kuNkulunkulu njengoba ngazi ukuthi kuhlalwa kanjani. Angiyikuxegisa eVangelini nakuliphi icala kumbe nakuyiphi indawo. Ngiyohlala ngethembekile njengoba ngikwazi ukuhlala. Mfowethu Bosworth, ngiyohlangana nawe eZweni elingcono lapho khona ongeke ubemusha... kumbe ongeke uphinde uguge, kodwa ubemusha."

<sup>226</sup> Wathi, "Uyobalapho, Mfowethu Branham, ungakhathazeki."

<sup>227</sup> Futhi ehoreni ngaphambili, emahoreni amabili engakashoni... cishe ezinyangeni ezimbili kamuva, ngacabanga ukuthi wayefa ngaleyonkathi, umkami, uyangena futhi wambona (wayehlala emcabanga kakhulu), kwase kuba uNkk. Bosworth. Futhi cishe amahora amabili wayekade ecambalele, elele. Wavuka, wabuka, futhi wagxuma embhedeni wakhe wema. Wathi, "Mama, awu, sekuyiminyaka ngakugcina! Baba! Mfowethu Jim, yini," wathi, "awuthi sibone, wawungomunye wabami engabaphendulela eNkosini, eJoliet, eIllinois." Kwase kuyiminyaka engamashumi amahlanu afa. Niyabo? Yebo! Wathi, "UnguDadewethu *S'bani-bani*. Yebo, ngakuholela eNkosini e—emhlanganweni waseWinnipeg. Yebo. Yini, nangu uDadewethu *S'bani-bani*. Kade ngakugcina... Yebo, niyabo, uza eNkosini kwa *s'bani-bani*." Futhi amahora amabili ngqo wayexhawulana nalabo ayebaholele eNkosini. Wahamba wabuyela ngqo endaweni yakhe, wase elala phansi, waphambanisa izandla zakhe, futhi kwaba yilokho. Ngabe uMfowethu F. F. Bosworth wangena yini kuleloZwe uJesu angibonisa lona ngobunye ubusuku na? Uma kuyilo, ulapho uyinsizwa namuhla ebusuku.

UNkulunkulu aphumuze umphefumulo wakhe. Futhi sengathi ngingahlala ngethembeke kakhulu ukuze ngingene kuleloZwe. Futhi sengathi ngingaba neqiniso kakhulu i—inceku kuKristu!

228 Nginamahloni ngempilo yami. Nginamahloni. Ngi—ngi—ngi... Uma ngonile phambi kwenu bantu, ni—niyakukweleta kimi ukuba nize ningitshela. Niyabo? Ngizama ukuphila ngobuqotho kukho konke uNkulunkulu angivumela ngikwenze ngomusa waKhe. Niyabo? Niyabo? Kodwa, bukani, bangane, ningikweleta khona uma kukhona enikwaziyo okuliphutha ngempilo yami, wozani ningitshela kunjalo. Futhi, bukani, nginikweleta khona ukuba ngime lapha futhi nginishumayeze iVangeli leqiniso. Nginikweleta khona, ngoba ngilindele ukubona ubuso benu ngabanye ngabanye, zinsizwa nesifazane, ngale nje kwalowomgoqo ngaleya. Kungukuphefumula kanye nje phakathi kwalapho okhona manje nalapho. Manje, kunjalo. Kulapho.

229 Futhi kwangathi uNkulunkulu womusa wonke, uNkulunkulu weZulu, kungesikho ukungcolisa okungcwele, kodwa ekuhlonipheni, “Babayi,” ngalolosuku olukhulu lapho sibonakaliswa sesibuyela lapha futhi sibenemizimba yethu yasemhlabeni futhi, ukuze sikwazi ukuphuza, futhi sidle amagilebhisi nesithelo sezwe. “Bayokwakha izindlu kungahlali omunye. Bayotshala izivini futhi zingadliwa ngomunye.” Niyabona na? Indoda eyodwa itshala isivini, indodana yayo iyasithatha, bese-ke indodana yayo iyasithatha, nesayo. Kodwa hhayi kulendaba; iyosithala bese ihlala lapho. Niyabo, kunjalo. Siyoba lapho njalonjalo. Futhi kwangathi, kuleloZwe, sengathi nginganibona nonke.

230 Futhi ngiyazi ukuthi ngikhuluma phakathi lapha ngisho nakubefundisi bakaziqu-zintathu. Futhi, bazalwane bami, angikusho lokhu—angikusho lokhu ukuba ngilimaze. Ngingokaziqu-zintathu, futhi, ngiyakholelwa kuziqu-zintathu, izingxenye ezintathu zikaNkulunkulu (uYise, iNdodana noMoya oNgcwele), kodwa hhayi oNkulunkulu abathathu. Niyabona na? Ngikholwa ukuthi kukhona izingxenye ezintathu, ngokoqobo, ngiyakwenza lokho ngenhliziyi yami yonke, “uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele,” kodwa abasibo oNkulunkulu abathathu. Kuphela ziyingxe... entathu kumbe yezikhundla ezintathu zikaNkulunkulu. UNkulunkulu wake wahlala ebuBabeni, ebuDodaneni, futhi manje uMoya oNgcwele. Nguye lowoNkulunkulu ezikhundleni ezintathu. Futhi bano...

231 Futhi uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, akusilona iGama likaNkulunkulu. UNkulunkulu uneGama elilodwa, neGama laKhe nguJesu. IBhayibheli lathi, “Umndeni eZulwini wethiwa ngoJesu, nomndeni emhlabeni wethiwa ngoJesu.” Kunjalo. Ngakho uNkulunkulu wayeneGama elilodwa, iGama lobuntu. Waye... negama elithiwa nguJehova uyozibonela, uJehova-

rafa, lokho kwakungamabizo aKhe obuNkulunkulu. Kodwa WayeneGama elilodwa, uJesu! Futhi lowo nguYe.

<sup>232</sup> Futhi qiniso, bazalwane bami, uma ningavumelani nami, khumbulani, ngi—ngi—ngiyohlangana nani laphaya, noma kanjani. Niyabona na? Ngiyo—ngiyoba lapho nani. NoNkulunkulu anibusise. Futhi ngiyanithanda.

<sup>233</sup> Futhi ngifuna ibandla likhumbule manje, ngeSonto ekuseni sizothatha kusukela lapha futhi ngizozama ukunganihlalisi isikhathi esedlula kwelesibili nqo, ukuze sibe nomhlangano wantambama, uma singakwazi ukuphumelela, futhi uma ngenza nami njengoba ngenzile kulobubusuku, ngeleshumi ligamenxe. Niyangithethelela na? Bangane, asisenaso isikhathi esiningi esisele, s'thandwa. Ngi—nginibiza nge "s'thandwa" ngoba niyiso. Ni—niyis'thandwa sami. Niyazi uk'thini? Ake... Nanku umBhalo ufika. UPawulu wathi, "Ngianishisekela (iBandla laKhe) ngokushisekela kukaNkulunkulu, ngokuba ngiyanendisa." Nakho lapho nikhona, kukutholile. Yilokho-ke. "Ngokuba ngiyanendisa, nginethembisa noKristu, niyintombi emhlophe."

<sup>234</sup> Manje, uma lokho kwakuliqiniso ngaleyonkathi ngalolosuku, wathi (bona, abantu bathi kimi), bathi, "UJesu uyoza kuwe, futhi wena uyosiyisa kuYe," intombi emhlophe. "Behlulelwe ngeZwi owabashumayeza lona." Futhi, bukani, uma nginishumayeza khona impela uPawulu akushumayela ebandleni lakhe, uma iqembu lakhe lingena nelethu liyongena futhi, ngoba sithole into efanayo. Amen. Asikhothamise amakhanda ethu manje ngenkathi sisathi, "UNkulunkulu anibusise."



*ISIMO SOBUNTWANA* 2 ZUL60-0518

(Adoption 2)

UCHUNGECHUNGE LWE ISIMO SOBUNTWANA

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeLwesithathu kusihlwa, ngo Meyi 18, ngo 1960, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©1994 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)